29 Umuntu othi ekhuzwa kanengi aqinise intamo, uzahle ephulwe, njalo kungabi lakusiliswa. 2 Lapho abalungileyo besanda, abantu bayathokoza, kodwa lapho okhohlakeleyo ebusa, abantu bayabubula. 3 Umuntu othanda inhlakanipho uthokozisa uyise, kodwa ohlanganyela lamawule uchitha inotho. 4 Inkosi iqinisa ilizwe ngesahlulelo, kodwa umuntu wezipho uyalichitha. 5 Umuntu olalisa ngolimi umakhelwane wakhe wendlalela izinyawo zakhe imbule. 6 Esiphambekweni somuntu omubi kulomjibila, kodwa olungileyo uyamemeza ngenjabulo ethokoza. 7 Olungileyo uyalwazi udaba lwabayanga; okhohlakeleyo kananzeleli ulwazi. 8 Abantu abadelelayo bayawuthungela umuzi, kodwa abahlakaniphileyo badedisa ulaka. 9 Umuntu ohlakaniphileyo emangalelana lomuntu oysisithutha, loba elolaka, loba ehleka, kakulakuthula. 10 Abantu abomele igazi bazonda opeheleleyo, kodwa abaqotho badinga umphefumulo wakhe. 11 Isithutha sikhupha umoya waso wonke, kodwa ohlakaniphileyo uyawuthiba. 12 Umbusi olalela amazwi amanga, zonke izinceku zakhe zikhohlakele. 13 Umyanga lomuntu wencindezelo bayahlangana; iNkosi ikhanyisa amehlo abo bobabili. 14 Inkosi eyahlulela abayanga ngothembeke, isihlalo sayo sobukhosi sizamiswa phakade. 15 Uswazi lokukhuza kunika inhlakanipho, kodwa umntwana oyekelelwayo uthelala unina inhloni. 16 Lapho abakhohlakeleyo besanda, isiphambeko siyanda, kodwa abalungileyo bazabona ukuwa kwabo. 17 Laya indodana yakho, izakuphumuza; yebo, izanika izinjabulo emphefumulweni wakho. 18 Lapho okungelambono khona, abantu babengabambeki; kodwa ubusisiwe ogcina umlayo. 19 Inceku kayilaywa ngamazwi; lanxa iqedisisa, kayiyikuphendula. 20 Uyambona yini umuntu ophangisa ngamazwi akhe? Kulethemba elingcono esithutheni kulaye. 21 Ototoza inceku yakhe kusukela ebuntwaneni, ekucineni izakuba yindodana kuye. 22 Umuntu ololaka ubanga ukuzabana, lomuntu ovutha intukuthelo wandisa isiphambeko. 23 Ukuziqajja komuntu kuzamehlisa, kodwa olomoya othobekileyo uzabamba udumo. 24 Owabelana lesela uzonda umphefumulo wakhe; uzwa isiqalekiso, angakhulumi. 25 Ukwesaba abantu kuletha umjibila, kodwa othemba eNkosini uzabekwa phezulu evikelekile. 26 Abanengi badinga ubuso bombusi, kodwa isahlulelo salowo lalowo sivela eNkosini. 27 Umuntu ongalunganga uyisinengiso kwabalungileyo, kodwa oqotho endleleni uyisinengiso kokhohlakeleyo.

30 Amazwi kaAguri indodana kaJake umMasa. Umuntu wathi kulthiyeli, kulthiyeli loUkhali: 2 Isibili, ngiyisithutha kulomuntu, kangilakuqedisisa komuntu. 3 Kangifundanga inhlakanipho, kangilwazi ulwazi lwabangcwele. 4 Ngubani

owenyukela emazulwini njalo wehla? Ngubani oqoqe wafumbatha umoya ezandleni zakhe? Ngubani ogoqele amanzi esembathweni? Ngubani omise yonke imikhawulo yomhlaba? Lingubani ibizo lakhe, lebizu lendodana yakhe lingubani, uba usazi? 5 Lonke ilizwi likaNkulunkulu licwengekile; uyisihlangu kwabaphephela kuye. 6 Ungengezeleli emazwini akhe, hlezi akukhuze, utholwe ungumqambimanga. 7 Zimbili izinto engizicele kuwe; ungangigodleli zona ngingakafi. 8 Susa khatshana lami ize lamazwi amanga; ungangiphi ubuyanga loba inotho; ngiphe ukudla kwesabelo sami. 9 Hlezi ngisuthe, ngikuphike ngithi: Ngubani iNkosi? Kumba hlezi ngibe ngumyanga, ngintshontshe, ngithathe ngeze ibizo likaNkulunkulu wami. 10 Ungahlebi inceku enkosini yayo, hlezi ikuthuke, ube lecala. 11 Kulesizukulwana esithuka uyise, esingabusisi unina; 12 isizukulwana esihlambulululekileyo emehlweni aso, kodwa esingahlanjululwanga engcekezeni yaso; 13 isizukulwana omehlo aso aphakeme kangaka, lenkophe zaso ziphakanyisiwe; 14 isizukulwana omazinyo aso zinkemba, lesimazinyo aso omhlathi zingqamu, zokudla abayanga emhlabeni, labaswelayo ebantwini. 15 Umkhaza ulamadodakazi amabili athi: Phana, phana; lezizintathu kazisuthi; ezine kazitsho ukuthi: Kwanele. 16 Ingcwaba, lesizalo esiyinyumba, umhlaba ongasuthi amanzi, lomilo ongathi: Kwanele. (Sheol h7585) 17 Ilihlo elikholodela uyise, lelidlelela ukulalela unina, amawabayi eshotsha azalikopola, labantwana bamanqe bazalidla. 18 Lezizinto ezintathu ziyisimangaliso esikhulu kimi, yebo, ezine engingazaziyo: 19 Indlela yokhozi emazulwini, indlela yenyoka edwaleni, indlela yomkhumbi enhliziyweni yolwandle, lendlela yejaha entombini. 20 Injalo indlela yowesifazana oliwule; udla, esule umlomo wakhe, athi: Kangezanga isiphambeko. 21 Ngenxa yezinto ezintathu umhlaba uyazamazama, yebo, ngenxa yezine ongezithwale: 22 Ngenxa yesigqili nxa sibusa, lesithutha nxa sisuthi ukudla, 23 ngenxa yesaliwakazi nxa sendile, lencekukazi nxa iyindlalifa yenkosikazi yayo. 24 Lezi ezine zingezincinyane zomhlaba, kanti zihlakaniphile zenziwe zihlakaniphe: 25 Ubunyonyo buyisizwe esingelamandla, kanti bulungisa ukudla kwabo ehlobo. 26 Imbila ziyisizwe esingelamandla, kanti zimisa indlu yazo edwaleni. 27 Intethe kazilankosi, kanti zonke ziphuma zehlukene ngamaviyo. 28 Umbankwa ubambelela ngezandla ezimbili, njalo usezigodlweni zenkosi. 29 Lezi ezintathu zinyathela kuhle, yebo, ezine zihamba kuhle: 30 Isilwane esilamandla phakathi kwenyamazana, esingeyikubuyela emuva ngenxa yobuso loba ngobukabani; 31inja ebhince okhalweni, kumbe impongo; lenkosi ileviyo lamabutho. 32 Uba ube yisithutha ngokuziphakamisa, njalo uba ucebe okubi, beka isandla emlonyeni. 33 Ngoba ukuphehlwa kochago kuveza iphehla, lokucindezela kwempumulo kuveza igazi, lokucindezela kwentukuthelo wenza ingxabano.

31 Amazwi kaLemuweli inkosi yeMasa, unina amfundisa wona. 2 Ini, ndodana yami! Ini-ke, ndodana yesizalo sami! Ini-ke, ndodana yezithembiso zami! 3 Uganiki amandla akho kwabesifazana, kumbe izindlela zakho ekubhubhiseni amakhosi. 4 Kakusikwamakhosi, Lemuweli, kakusikwamakhosi ukunatha

iwayini, kumbe okweziphathamandla ukuloyisa okunathwayo okulamandla. 5 Hlezi anathe, akhohlwe isimiso, aguqule isahlulelo sawo wonke amadodana enhlupheko. 6 Phana okunathwayo okulamandla kobhubhayo, lewayini kwabababayo emphefumulweni. 7 Kanathe, akhohlwe ubuyanga bakhe, angabe esakhumbula usizi lwakhe. 8 Vulela isimungulu umlomo wakho, udaba lwabo bonke abamiselwe incithakalo. 9 Vula umlomo wakho, wahlulele ngokulunga, umele ilungelo lomyanga loswelayo. 10 Ngubani ongathola umfazi okhuthela okulungileyo? Ngoba intengo yakhe iyedlula kakhulu amatshe amahle. 11 Inhliziyo yomkakhe ithemba kuye, ukuze angasweli impango. 12 Umenzela okuhle, hatshi okubi, insuku zonke zempilo yakhe. 13 Udinga uboya bezimvu lefilakisi, asebenze ngenjabulo yezandla zakhe. 14 Ufanana lemikhumbi yomthengisi; uletha ukudla kwakhe kuvela khatshana. 15 Uvuka kusesebusuku, anike indlu yakhe ukudla, lesabelo kuzincekukazi zakhe. 16 Anakane ngensimu ayizuze; ngesithelo sezandla zakhe ahlanye ivini. 17 Uyabhinca ukhalo lwakhe ngamandla, aqinise ingalo zakhe. 18 Uyananzelela ukuthi ukuthengisa kwakhe kuhle; isibane sakhe kasicitshi ebusuku. 19 Welulela izandla zakhe kuluthi lokuphatha, lezandla zakhe zibambe isigodo esilezintambo. 20 Welulela umyanga isandla sakhe, elulele izandla zakhe koswelayo. 21 Kesabi iliqhwa elikhithikileyo ngenxa yabendlu yakhe, ngoba bonke abendlu yakhe bagqokiswe okubomvu. 22 Uzenzela izembeso; isigqoko sakhe sililembu elicolekileyo leliyibubende. 23 Umkakhe uyaziwa emasangweni, lapho ehlezi labadala belizwe. 24 Wenza ilembu elicolekileyo kakhulu, alithengise; anike umthengi ibhanti. 25 Amandla lodumo kuyisigqoko sakhe; uyahleka mayelana losuku olulandelayo. 26 Uvula umlomo wakhe ngenhlakanipho; lemfundiso yomusa iselimini lwakhe. 27 Uqaphela inhambo zomuzi wakhe; kadli isinkwa sobuvila. 28 Abantwana bakhe bayavuka bathi ubusisiwe, lomkakhe laye uyamdumisa: 29 Manengi amadodakazi enze ngenkuthalo, kodwa wena wenyukile phezu kwawo wonke. 30 Ubuhle buyinkohliso, lokubukeka kuyize; owesifazana owesaba iNkosi yena uzadunyiswa. 31 Mnikeni okuvela esithelweni sezandla zakhe, lemisebenzi yakhe kayimdumise emasangweni.

UmTshumayeli

1 Amazwi omTshumayeli, indodana kaDavida, inkosi eJerusalema. **2** Ize leze, kutsho umTshumayeli, ize leze, konke kuyize. **3** Kuyinzuzoni emuntwini emtshikatshikeni wakhe wonke awutshikatshika ngaphansi kwelanga? **4** Isizukulwana siyedlula, lesizukulwana size, kodwa umhlaba umi kuze kube nininini. **5** Lelanga liyaphuma, lelanga litshone, litshetshela endaweni lapho eliphuma khona. **6** Umoya uya eningizimu, ujikele enyakatho, ujikajike uhambe, lomoya ubuyele ekubhodeneni kwawo. **7** Yonke imifula iya olwandle, kodwa ulwandle kalugcwali; endaweni lapho imifula evela khona, ibuyele iye khona. **8** Zonke izinto ziyadinisa; kakulamuntu olakho ukukhuluma. Ilihlo kalisuthi ngokubona, lendlebe kayigcwaliswa yikuzwa. **9** Okwake kwaba khona yilokho okuzakuba khona, lokwake kwenziwa yilokho okuzakwenziwa; njalo kakalutho olutsha ngaphansi kwelanga. **10** Kungaba khona ulutho yini okungathiwa ngalo: Khangela, lokhu kutsha! Kwakuvele kukhona endulo engaphambi kwethu. **11** Kakukho ukukhunjulwa kwezinto zakuqala; njalo lezinto ezizayo ezizakuba khona kakuyikuba khona ukukhunjulwa kwazo lalabo abazakuba khona emva kwalokho. **12** Mina mTshumayeli ngangiyinkosi phezu kukalsrayeli eJerusalema. **13** Ngasenginikela inhliziyi yami ukudinga lokuhlolisisa ngokuhlakanipha ngakho konke okwenziwayo ngaphansi kwamazulu; lumtshikatshika onzima uNkulunkulu uwunike abantwana babantu ukuthi baphatheke ngawo. **14** Ngiyibonile yonke imisebenzi eyenziwayo ngaphansi kwelanga; khangela-ke, konke kuyize lokukhathazeka komoya. **15** Okugobileyo kakulakuqondiswa; lokuswelekayo kakulakubalwa. **16** Ngakhuluma mina enhliziyi yami ngisithi: Khangela, mina ngikhulile ngandisa inhlanipho phezu kwabo bonke ababephambi kwami eJerusalema; njalo inhliziyi yami ibonile kakhulu inhlanipho lolwazi. **17** Nganginikela inhliziyi yami ukwazi inhlanipho, lokwazi ukuhlanya lobuthutha, ngabona ukuthi lalokhu yikukhathazeka komoya. **18** Ngoba kunhlakanipho enengi kulokukhathazeka okunengi, lowandisa ulwazi wandisa usizi.

2 Ngathi mina enhliziyweni yami: Woza-ke, ngizakuzama ngentokozo, njalo kholisa okuhle. Khangela-ke, lalokhu kwakuyize. **2** Ngokuhleka ngathi: Kuyibuhlanya! Langentokozo: Kwenzani? **3** Ngadinga enhliziyweni yami ukuthokozisa inyama yami ngewayini (kodwa ngakhokhela inhliziyi yami ngenhlakanipho), lokubambelela ebuthutheni, ngize ngibone ukuthi kuyini lokho okulungele abantwana babantu, abangakwenza ngaphansi kwamazulu, ngenani lensuku zempilo zabo. **4** Ngazenzela imisebenzi emikhulu; ngazakhela izindlu; ngazihlanyelela izivini; **5** ngazenzela izivande lezivande zezihlahla; ngahlanyela kuzo izihlahla zezithelo zohlobo lonke; **6** ngazenzela amachibi amanzi okuthelela ngawo ihlathi lokukhulisa izihlahla; **7** ngathenga izigqili lezigqilikazi, ngaba labazalelwe endlini; njalo ngaba lemfuyo enengi yenkomo lezimvu okwedlula bonke ababekhona ngaphambi kwami eJerusalema; **8** ngazibuthela futhi isiliva legolide lemfuyo ekhethekileyo yamakhosi leyamazwe; ngazizuzela

abahlabeleli labahlabelelikazi, lentokozo zabantwana babantu, amantombazana emihlobo yonke. **9** Ngakho ngaba mkhulu nganda okwedlula wonke owayekhona ngaphambi kwami eJerusalema, lenhlakanipho yami yema lami. **10** Lakho konke amehlo ami akufisayo kangiwancitshanga khona, kangigodlanga inhliziyi yami lakuyiphi intokozo; ngoba inhliziyi yami yathokoza ekutshikatshikeni kwami konke; lalokhu kwaba yisabelo sami somtshikatshika wami wonke. **11** Mina ngasengikhangele yonke imisebenzi izandla zami eziyenzileyo, lomtshikatshika engangitshikatshike ukuwenza; khangela-ke, konke kwakuyize lokukhathazeka komoya, njalo kwakungekho nzuzo ngaphansi kwelanga. **12** Mina ngasengibuyela ukubona inhlanipho lobuhlanya lobuthutha. Ngoba angenzani umuntu olandela inkosi? Lokho okuvele sekwenziwe. **13** Mina ngasengibona ukuthi inhlanipho ingcono kulobuthutha njengokukhanya kungcono kulomnyama. **14** Ohlakaniphileyo, amehlo akhe asekhanda lakhe, kodwa isithutha sihamba emnyameni; ngasengisazi lami ukuthi isehlakalo sinye sehlela bonke. **15** Mina ngasengisithi enhliziyweni yami: Njengoba kusehlela isithutha kuzangehlela lami; pho, kungani-ke mina ngangihlaniphe okwedlulisileyo? Ngasengikhuluma enhliziyweni yami ukuthi lokhu lakho kuyize. **16** Ngoba kakukho ukukhunjulwa kohlakaniphileyo okwedlula koyisithutha phakade; ngoba lokhu okukhona khathesi ensukwini ezizayo konke kuzakhohlakala. Ohlakaniphileyo ufa njani? Njengesithutha. **17** Ngasengizonda impilo, ngoba umsebenzi owenziwa ngaphansi kwelanga wawubuhlungu kimi; ngoba konke kuyize lokukhathazeka komoya. **18** Yebo, mina ngawuzonda wonke umtshikatshika wami engawutshikatshika ngaphansi kwelanga, ngoba ngizawutshiyela umuntu ozakuba khona ngemva kwami. **19** Ngubani-ke owaziyo ukuthi uzakuba ngohlakaniphileyo kumbe oyisithutha? Kanti uzabusa phezu kwawo wonke umtshikatshika wami engawutshikatshikayo lengiwenze ngenhlakanipho ngaphansi kwelanga. Lokhu lakho kuyize. **20** Mina ngasengiphenduka ngadangalisa inhliziyi yami ngomtshikatshika wonke engangiwutshikatshika ngaphansi kwelanga. **21** Ngoba kulomuntu omtshikatshika wakhe ukunhlakanipho lakulwazi lakubuqotho, kanti uzawunika umuntu ongatshikatshikanga kuwo ube yisabelo sakhe. Lokhu lakho kuyize, lobubi obukhulu. **22** Ngoba ulani umuntu ngomtshikatshika wakhe wonke langokukhathazeka kwenhliziyi yakhe akutshikatshike ngaphansi kwelanga? **23** Ngoba insuku zakhe zonke zizinsizi, lomsebenzi wakhe uyikudabuka; lebusuku inhliziyi yakhe kayiphumuli. Lokhu lakho kuyize. **24** Kakukho okungcono emuntwini kulokuthi adle anathe abonise umphefumulo wakhe okuhle emtshikatshikeni wakhe. Lokhu lakho mina ngabona ukuthi kuvela esandleni sikaNkulunkulu. **25** Ngoba ngubani ongadla kumbe ngubani ongakholisa kulami? **26** Ngoba yena uyamnika umuntu olungileyo phambi kobuso bakhe inhlanipho lolwazi lentokozo; kodwa isoni uyasinika umsebenzi wokubutha lokubuthelela ukunika olungileyo phambi kukaNkulunkulu. Lokhu lakho kuyize lokukhathazeka komoya.

3 Konke kulesikhathi esimisiweyo, njalo kulesikhathi sayo yonke indaba ngaphansi kwamazulu: **2** Isikhathi sokuzalwa, lesikhathi sokufa; isikhathi sokuhlanyela, lesikhathi sokusiphuna

okuhlanyelweyo; 3 isikhathi sokubulala, lesikhathi sokuphilisa; isikhathi sokudiliza, lesikhathi sokwakha; 4 isikhathi sokukhala inyembezi, lesikhathi sokuhleka; isikhathi sokulila, lesikhathi sokugida; 5 isikhathi sokulahla amatshe, lesikhathi sokubuthelela amatshe; isikhathi sokugona, lesikhathi sokuba khatshana lokugona; 6 isikhathi sokudinga inzuzo, lesikhathi sokuyekela kulahleke; isikhathi sokulondoloza, lesikhathi sokulahla; 7 isikhathi sokudabula, lesikhathi sokuthunga; isikhathi sokuthula, lesikhathi sokukhuluma; 8 isikhathi sokuthanda, lesikhathi sokuzonda; isikhathi sempiki, lesikhathi sokuthula. 9 Ulenzuzo bani osebenzayo kwatshikatsika kikhfo? 10 Ngiwubonile umsebenzi uNkulunkulu awunike abantwana babantu ukuthi baphatheke ngawo. 11 Konke ukwenze kwaba kuhle ngesikhathi sakho; wasebeka iphakade enhliziyweni yabo, ukuze kungabi lomuntu ongafumana umsebenzi uNkulunkulu awenzayo kusukela ekuqaleni kuze kube sekucineni. 12 Ngiyazi ukuthi kakukho okuhle kubo ngaphandle kokuthokoza lokwenza okuhle empilweni yakhe. 13 Futhi lokuthi wonke umuntu adle anathe akholise okuhle ngomtshikatsika wakhe wonke, kuyisipho sikaNkulunkulu. 14 Ngiyazi ukuthi konke uNkulunkulu akwenzayo kukakuba khona phakade; kakukho okuzakwengezelelwa kukho, njalo kakukho okuzaphungulwa kukho; uNkulunkulu wakwenza ukuze besabe phambi kwakhe. 15 Lokho okwakukhona kukhona khathesi, lalokho okuzakuba khona sekuvele kukhona; njalo uNkulunkulu ufuna okuxotshiweyo. 16 Futhi ngasengibona ngaphansi kwelanga indawo yokwahlulela, kwakukhona ububi lapho; lendawo yokulunga, kwakukhona ububi lapho. 17 Ngathi mina enhliziyweni yami: UNkulunkulu uzakwahlulela olungileyo lomubi, ngoba kukhona lapho isikhathi sayo yonke indaba lesawo wonke umsebenzi. 18 Ngathi mina enhliziyweni yami ngesimo sabantwana babantu ukuthi uNkulunkulu abatshengise obala ukuthi babone ukuthi bona uqobo bazinyamazana. 19 Ngoba okwehlela abantwana babantu kwehlela lezinyamazana; njalo yinye into ebhehlelayo; njengoba omunye esifa, ngokunjalo enye iyafa; yebo konke kulomoya munye, lomuntu kalakho angadlula ngakho inyamazana; ngoba konke kuyize. 20 Konke kuya endaweninye; konke kuvela ethulini, njalo konke kubuyela ethulini. 21 Ngubani owazi umoya wabantwana babantu owenyukela phezu, lomoya wenyamazana owehlela phansi emhlabathini? 22 Ngakho ngabona ukuthi kakukho okungcono okwedlula ukuthi umuntu azithokozise ngemisebenzi yakhe, ngoba lokhu kuyisabelo sakhe. Ngoba ngubani ongamletha ukuthi abone lokho okuzakuba khona emva kwakhe?

4 Mina ngasengiphenduka ngabona incindezelo zonke ezenziwa ngaphansi kwelanga; khangela-ke inyembezi zabacindezelweyo, njalo babengelamduduzi; lehlangothini lwabacindezelayo kwakulamandla, kodwa babengelamduduzi. 2 Ngakho ngancoma abafuleyo, abavele sebefile, okwedlula abaphilayo, abalokhu besaphila. 3 Yebo ungcono kulabo bobabili, ongakabi khona, ongabonanga umsebenzi omubi owenziwa ngaphansi kwelanga. 4 Ngasengibona mina wonke umtshikatsika lempumelelo yonke yomsebenzi, ngoba lokhu kungumhawu womuntu ovela kumakhelwane wakhe. Lokhu lakho kuyize lokukhathazeka komoya. 5 Isiphukuphuku

sigoqa izandla zaso sidle inyama yaso. 6 Singcono isandla esigcwele ukuthula kulezandla ezimbili zigcwele ukutshikatsika lokukhathazeka komoya. 7 Mina ngasengiphenduka ngabona ize ngaphansi kwelanga. 8 Kukhona oyedwa, njalo kakho owesibili, yebo kalamntwana kumbe umfowabo, njalo kakulakuphela komtshikatsika wakhe wonke, lelihlo lakhe kalisuthiswa yinoto, njalo katsho ukuthi: Ngitshikatsikela bani, ngenze umphefumulo wami uswele okuhle? Lokhu lakho kuyize, yebo, kungumsebenzi omubi. 9 Ababili bangcono kuloyedwa, ngoba balomvuzo omuhle ngokutshikatsika kwabo. 10 Ngoba uba besiba omunye uzamvusa umgane wakhe; kodwa maye kuye oyedwa nxa esiwa, ngoba kungekho owesibili ongamvusa. 11 Futhi uba ababili belala ndawonye, ngakho balokukhudumala; kodwa ngoyedwa angakhudumala njani? 12 Njalo uba omunye engehlula oyedwa, ababili bazamelana laye; lentambo elemicu emithathu kayiqanyulwa masinyane. 13 Umfana ongumyanga ohlakaniphileyo ungcono kulenkosi endala eyisithutha engasakwazi ukwelulekwa. 14 Ngoba uyaphuma entolongweni ukuthi abe yinkosi, lanxa futhi owayezelwe embusweni wakhe esiba ngumyanga. 15 Ngabona bonke abaphilayo abahamba ngaphansi kwelanga, lomfana wesibili ozakuma esikhundleni sakhe. 16 Kakulasiphetho sabantu bonke, sabo bonke ababephambi kwabo, lalabo abeza emva kabayikuthokoza gaye. Isibili lokhu lakho kuyize lokukhathazeka komoya.

5 Gcina unyawo lwakho nxa usiya endlini kaNkulunkulu; sondelela ukulalela kulokunikela umhlatshelelo wezithutha, ngoba kazazi ukuthi zenza okubi. 2 Ungabi lamawala ngomlomo wakho, lenhliziyo yakho ingaphangisi ukukhupha ilizwi phambi kukaNkulunkulu; ngoba uNkulunkulu usemazulwini, wena-ke usemhlabeni, ngakho amazwi akho kawabe malutshwana. 3 Ngoba iphupho liza ngobunengi bomsebenzi, lelizwi lesithutha ngobunengi bamazwi. 4 Lapho ufunga isifungo kuNkulunkulu, ngaphuzi ukusikhokha, ngoba kakulantokozi kuziwula; khokha lokho okufungileyo. 5 Ungcono ukuthi ungafungi kulokuthi ufunge ungakhokhi. 6 Ungavumeli umlomo wakho ukuthi wenze inyama yakho yone, futhi ungatsho phambi kwengilosi ukuthi bekuyisiphosiso; uNkulunkulu uzathukuthelelani ilizwi lakho, achithe umsebenzi wezandla zakho? 7 Ngoba ebunengini bamaphupho lamazwi kukhona lokuyize okunengi, kodwa mesabe uNkulunkulu. 8 Uba ubona ucindezelo lomnyama lokuphanjulwa kokulunga lesahlulelo ngodlakela esabelweni, ungamangali ngalinto, ngoba opezulu kophezulu uyananzelela, njalo kulabaphezulu phezu kwabo. 9 Lenzuzo yomhlabathi ngeyabo bonke; inkosi isetshenzelwa yinsimu. 10 Othanda imali kayikweneliswa yimali, njalo othanda okunengi kayikweneliswa yikwanda; lokhu lakho kuyize. 11 Ekwandeni kokuhle, bayanda abakudlayo; njalo kulenzuzo bani kubanini bakho, ngaphandle kokukubuka ngamehlo abo? 12 Bumandi ubuthongo besisebenzi loba sisidla okulutshwana loba okunengi; kodwa ukusutha kwesinothi kakusivumeli ukulala. 13 Kukhona ububi obubuhlungu esengibubonile ngaphansi kwelanga: Inotoh egcinelwe abaniniyo kube yibubi kibo. 14 Kodwa leyonotho ichitheka ngomsebenzi omubi: Esezala umntwana,

kungaselalutho esandleni sakhe. 15 Njengokuphuma kwakhe esiswini sikanina, uzabuyela eze ehamba njengokuba kwakhe; njalo kayikuthatha lutho lomtshikatshika wakhe angahamba lalo esandleni sakhe. 16 Lokhu lakho kuyibubi obubuhlungu, kukho konke njengokufika kwakhe ngokunjalo uzahamba. Njalo ulenzuzo bani owatshikatshikela umoya? 17 Njalo insuku zakhe zonke udlela emnyameni, elosizi olukhulu, lomkhuhlane wakhe, lokuthukuthela? 18 Khangela, engikubonileyo mina, kulungile okuhle ukudla lokunatha lokubona okuhle emtshikatshikeni wakhe wonke awutshikatshikayo ngaphansi kwelanga, enanini lensuku zempilo yakhe uNkulunkulu amnike zona, ngoba kuyisabelo sakhe. 19 Laye wonke umuntu, uNkulunkulu amnike inotho lengcebo, wamnika amandla okudla kukho, lokuthatha isabelo sakhe, lokuthokoza emtshikatshikeni wakhe - lokhu kuyisipho sikaNkulunkulu. 20 Ngoba kayikukhumbula kakhulu insuku zempilo yakhe, ngoba uNkulunkulu umphendula ngentokoza yenhliziyo yakhe.

6 Kukhona ububi esengibubonile ngaphansi kwelanga, njalo buvamile ebantwini: 2 Umuntu uNkulunkulu amnike inotho lengcebo lodumo ukuze angasweleli umphefumulo wakhe ulutho kukho konke akufisayo, kodwa uNkulunkulu angamniki amandla ukuthi adle kukho, kodwa owemzini uyakudla; lokhu kuyize, njalo kuyisifo esibi. 3 Uba umuntu ezala abantwana abalikhulu, aphile iminyaka eminengi, ukuze insuku zeminyaka yakhe zibe zinengi, kodwa umphefumulo wakhe ungasuthiswa ngokuhle, futhi angabi lakungcwatshwa, ngithi umphezulo uyngcono kulaye. 4 Ngoba uza ngeze, uye emnyameni, lebizu lawo lisitshelwe emnyameni; 5 futhi kawulibonanga ilanga, kawulalwazi; lo ulokuphumula kulaye. 6 Yebo, lanxa ephila iminyaka eyinkulungwane, ephindwe kabili, kanti engabonanga okuhle; bonke kabayi yini endaweni eyodwa? 7 Wonke umtshikatshika womuntu ngowomlomo wakhe, kube kanti inkano kuyisuthi. 8 Ngoba ohlakaniphileyo ulani okwedlula isithutha? Ulani umyanga owazi ukuhamba phambi kwabaphilayo? 9 Kungcono ukubona kwamehlo kulokuzalazala kwenkanuko. Lokhu lakho kuyize lokukhathazeka komoya. 10 Osekukhona sekuke kwathiwa ibizo lakho, njalo kuyaziwa ukuthi kungumuntu, lokuthi kalakho ukuphikisana lolamandla kulaye. 11 Ngoba zinengi izinto ezandisa ize; kuyinzuzo bani emuntwini? 12 Ngoba ngubani okwaziyo okulungele umuntu empilweni, enanini lensuku zempilo yakhe eyize ayichitha njengesithunzi? Ngoba ngubani ongatshelela umuntu lokho okuzakuba khona emva kwakhe ngaphansi kwelanga?

7 Ibizu elihle lingcono kulamafutha amahle; losuku lokufa kulosuku lokuzalwa kwakhe. 2 Kungcono ukuya endlini yokulila kulokuya endlini yedili; ngoba lokhu kuyisiphetho sakhe wonke umuntu; lophilayo uzakubeka enhliziyweni yakhe. 3 Usizi lungcono kulohleko, ngoba ngokudana kobuso inhliziyoyenziwa ngcono. 4 Inhliziyoyabahlakaniphileyo isendlini yokulila, kodwa inhliziyoyezithutha isendlini yentokoza. 5 Kungcono ukuzwa ukukhuya kohlakaniphileyo kulokuthi umuntu ezwe ingoma yezithutha. 6 Ngoba njengokuchachamba kwameva ngaphansi kwembiza lunjalo uhleko lwesithutha. Lokhu lakho kuyize. 7 Isibili ucindezelo lwenza ohlakaniphileyo abe luhlanya, lesipho siyayichitha inhliziyoy. 8 Singcono

isiphetho sento kulokuqala kwayo; kungcono ukubekezela komoya kulokuziphakamisa komoya. 9 Ungaphangisi emoyeni wakho ukuthukuthela, ngoba ukuthukuthela kuhlala esifubeni sezithutha. 10 Ungatsho ukuthi: Kwenziwa yini ukuthi insuku zakuqala zibe ngcono kulalezi? Ngoba kawubuzi ngenhlakaniphonyalokhu. 11 Inhlakaniphonyinhle ilelifa, njalo kulenzuzo kwabalibonayo ilanga. 12 Ngoba inhlakaniphonyiyisivikelo, imali iyisivikelo; kodwa ubungcono bolwazi yikuthi lunika impilo kubaninilo. 13 Nakana umsebenzi kaNkulunkulu; ngoba ngubani olakho ukwelula akugobisileyo? 14 Thokoza ngosuku lokuphumelela, kodwa ngosuku lobubi nakana: UNkulunkulu ulwenzile lalolu lwaba njengalolo, ukuze umuntu angatholi lutho oluzakuba khona emva kwakhe. 15 Konke ngikubonile ensukwini zokuyize kwami: Kukhona olungileyo obhubhela ekulungeni kwakhe, njalo kukhona omubi owelula impilo yakhe ebubini bakhe. 16 Ungabi ngolungileyo ngokudlulisayo, futhi ungahlakaniphonyokwedlulisileyo; uzichithelani? 17 Ungabi ngomubi ngokudlulisayo, futhi ungabi yisiwula; uzafelani kungakabi yisikhathi sakho? 18 Kuhle ukuthi ubambelele lokukho, yebo, ungabuyisi isandla sakho lakulokho; ngoba omesabayo uNkulunkulu uzaphepha kukho konke. 19 Inhlakaniphonyiyamqinisa ohlakaniphileyo okwedlula ababusi abalitshumi abasemzini. 20 Ngoba kakulamuntu olungileyo emhlabeni owenza okuhle angoni. 21 Futhi ungabeki inhliziyoyakho emazwini wonke akhulunywayo, ukuze ungezwa ukuthi inceku yakho iyakuthuka. 22 Ngoba ngezikhathi ezinengi lenhliziyoyakho iyakwazi ukuthi lawe uqobo ubathukile abanye. 23 Konke lokhu ngikuhlolile ngenhlakaniphonyngathi: Ngizahlakaniphonykodwa kwakukhathshana lami. 24 Okukhathshana, lokujule kakhulu, ngubani ozakufumana? 25 Ngaphenduka mina lenhliziyoyami ukwazi lokuhlola lokudinga inhlakaniphonylesizathosezinto, lokwazi inkohlakalo yobuwula, lobuthutha bobuhlanya. 26 Ngasengithola okubaba kulokufa: Owesifazana onhliziyoyakhe iyimijibila lamambule, lezandla zakhe ziyizibopho. Olungileyo phambi kukaNkulunkulu uzaphepha kuye, kodwa isoni sizabanjwa nguye. 27 Khangela, yilokhu engikutholileyo, utsho umTshumayeli, ngibeka okunye kokunye, ukuthola isizathosezinto, 28 umphefumulo wami osasidinga kodwa kangisitholanga. Indoda eyodwa phakathi kwenkulungwane ngayithola, kodwa owesifazana phakathi kwabo bonke labo kangimtholanga. 29 Khangela, yilokhu kuphela engikutholileyo, ukuthi uNkulunkulu wamenza umuntu waqonda; kodwa bona sebedinge amacebo amanengi.

8 Ngubani onjengohlakaniphileyo? Ngubani-ke owazi ukuchasiswa kolutho? Inhlakaniphonyomuntu iyakhanyisa ubuso bakhe, lobulukhuni bobuso bakhe buyaguqulwa. 2 Ngithi: Gcina umlayo wenkosi, lanjengokwesifungo sikaNkulunkulu. 3 Ungaphangisi ukusuka phambi kwayo, ungemi edabeni olubi, ngoba yenza konke ekuthandayo. 4 Lapho okulelizwi lenkosi khona kulamandla; njalo ngubani ongathi kuyo: Wenzani? 5 Lowo ogcina umlayo kayikwazi into embi, lenhliziyoyohlakaniphileyo iyasazi isikhathi lokwahlulela. 6 Ngoba kulo lonke udaba kulesikhathi lokwahlulela, ngoba ububi bomuntu bukhulu phezu kwakhe. 7 Ngoba kakwazi ukuthi kuzakuba

yini, ngoba ngubani ongamtshela ukuthi kuzakuba nini? **8** Kakulamuntu olamandla phezu komoya ukubamba umoya, njalo kalamandla osukwini lokufa; njalo kakukho ukukhululwa kuleyompi, lobubi kabuyikukhulula abaninibo. **9** Konke lokhu ngikubonile, nganikela inhliziyoyami emsebenzini wonke owenziwa ngaphansi kwelanga; kulesikhathi lapho umuntu abusa khona umuntu kube yikulimala kwakhe. **10** Ngokunjalo-ke ngabona ababi bengcwatshwa, ababevela njalo baye endaweni engcwele, abasebekhohlakele emzini lapho ababenze khona okunjalo. Lokhu lakho kuyize. **11** Ngoba isigwebo ngesenzo esibi singenziwa masinyane, ngenxa yalokho inhliziyoyabantwana babantu igcwele ngaphakathi kwabo ukwenza okubi. **12** Lanxa isoni sisenza okubi izikhathi ezilikhulu, lensuku zaso zelulwe, kube kanti sibili ngiyazi ukuthi kuzabalungela labo abamesabayo uNkulunkulu, abesabayo phambi kwakhe. **13** Kodwa omubi kakuyikumlungela; futhi kayikwelula insuku zakhe; unjengesithunzi ngoba kesabi phambi kukaNkulunkulu. **14** Kukhona okuyize okwenziwayo emhlabeni, ukuthi bakhona abalungileyo abehlelwa njengokomsebenzi wababi, bakhona lababi abehlelwa njengokomsebenzi wabalungileyo. Ngathi: Lokhu lakho kuyize. **15** Ngakho mina ngababaza intokozo; ngoba umuntu kalalutho oluhle ngaphansi kwelanga, ngaphandle kokudla lokunatha lokuthokoza, ngoba lokhu kuzahlala laye ekutshikatshikeni kwakhe ensukwini zempilo yakhe uNkulunkulu amnike zona ngaphansi kwelanga. **16** Lapho nganikela inhliziyoyukwazi inhlikaniphoyokubona umsebenzi owenziwa emhlabeni, (ngoba futhi ukhona ongaboni ubuthongo ngamehlo akhe emini lebusuku) **17** ngasengibona wonke umsebenzi kaNkulunkulu ukuthi umuntu kalakho ukufumana umsebenzi owenziwayo ngaphansi kwelanga; ngoba lanxa umuntu etshikatshika ukukudinga, kube kanti kayikukufumana; yebo futhi, lanxa ohlakaniphileyo angathi uyazi, kayikuba lakho ukukuthola.

9 Ngoba konke lokhu ngakubeka enhliziyweniyami ukuhlolisisa konke lokhu, ukuthi abalungileyo labahlakaniphileyo lezenzo zabo kusesandleni sikaNkulunkulu; loba uthando kumbe inzondo, kakho umuntu okwaziyo, konke okuphambi kwabo. **2** Konke kwehla ngokufananayo kubo bonke; sinye isehlakalo kolungileyo lakomubi, komuhle, lakohlambulukileyo lakongahlambulukanga, lakonikela umhlatsshelo lakonganikeli umhlatsshelo; njengolungileyo sinjalo isoni, ofungayo njengowesaba isifungo. **3** Yilobo ububi phakathi kwakho konke okwenziwa ngaphansi kwelanga, ukuthi sinye isehlakalo kukho konke, futhi lenhliziyoyabantwana babantu igcwele ububi, lobuhlanya busenhliziyweniyabo besaphila, lemva kwalokhu baya kwabafileyo. **4** Ngoba kulowo ohlanganiswe labo bonke abaphilayo kulethemba, ngobainja ephilayo ingcono kulesilwane esifileyo. **5** Ngoba abaphilayo bayazi ukuthi bazakufa, kodwa abafileyo kabazi lutho, njalo kabaselawo umvuzo, ngoba ukukhunjulwa kwabo sekukhohlakele. **6** Futhi uthando lwabo lenzondo yabomona wabo sekubhubhile, njalo kabasayikuba lesabelo laphakade kukho konke okwenziwayo ngaphansi kwelanga. **7** Hamba, udle ukudla kwakho ngentokozo, unathe iwayini lakho ngenhliziyoyelenjabulo, ngoba uNkulunkulu usethokozile ngemisebenzi yakho. **8** Izigqoko zakho kazibe ngezimhlophe ngesikhathi sonke,

lamafutha angasweleki ekhanda lakho. **9** Kholisa impilo lomkakho omthandayo zonke izinsuku zempilo yakho eyize akunike yona ngaphansi kwelanga, zonke izinsuku zakho eziyize, ngoba lesi yisabelo sakho empilweni, lemtshikatshikeni owutshikatshika ngaphansi kwelanga. **10** Loba kuyini isandla sakho esikutholayo ukukwenza kwenze ngamandla akho, ngoba kawukho umsebenzi lecebo lolwazi lenhlikaniphoyengcwabeni lapho oya khona. (Sheol h7585) **11** Ngaphenduka ngabona ngaphansi kwelanga ukuthi umjaho kawusiwabilejubane, lempi kayisiyamaqhawe, futhi lesinkwa kasisabahlakaniphileyo, futhi lenotho kayisiyabalolwazi, futhi lomusa kawusiwezingcitshi, kodwa isikhathi lesehlakalo kwehlela bonke. **12** Ngoba futhi umuntu kasazi isikhathi sakhe; njengenhlanzi ezibanjwa embuleni elibi, lanjengezinyoni ezibanjwa emjibileni, njengazo abantwana babantu bayabanjwa esikhathini esibi, lapho sibajuma. **13** Lale inhlikaniphoyogayibona ngaphansi kwelanga, njalo yaba nkulu kimi. **14** Kwakukhona umuzi omncinyane, okwakulabantu abalutshwana phakathi kwawo; kwasekusiza inkosi enkulu kuwo, yawuvimbezela, yawakhela amadundulu amakhulu okuvimbezela. **15** Kwasekutholakala phakathi kwawo umuntu ohlakaniphileyo ongumyanga, yena-ke ngenhlikaniphoyoyakhe wawukhulula lowomuzi. Kanti kakho owake wamkhumbula lowomuntu ongumyanga. **16** Mina ngasengisithi: Inhlikaniphoyingcono kulamandla, lanxa ukuhlakaniphoyokomyanga kuseyiswa lamazwi akhe engalalelwa. **17** Amazwi abahlakaniphileyo azwiwa ekupholeni ngcono kulokumemeza kobusayo phakathi kwezithutha. **18** Inhlikaniphoyingcono kulezikhali zempi, kodwa isoni esisodwa sichitha ubuhle obunengi.

10 Impukane ezifileyo zinukisa zibilise amagcobo omthaki; ubuthutha obuncinyane benza njalo kohloniphekayo ngenxa yenhlikaniphoylodumo. **2** Inhliziyoyohlakaniphileyo ingakwesokunene sakhe, kodwa inhliziyoyesithutha ingakwesokhohlo saso. **3** Yebo-ke lapho oyisithutha ehamba eldeleni, ingqondo yakhe iyasilela, uthi kuye wonke uyisithutha. **4** Uba umoya wobusi ukuvukela, unqatshiyi indawo yakho, ngoba ukuthobeka kuyathulisa iziphambeko ezinkulu. **5** Kulobubi engibubone ngaphansi kwelanga, njengesiphosiso esiphuma ebusweni bombusi: **6** Ubuwula bubekwa ezindaweni eziphakemeyokakhulu, labanothileyo bahlala endaweni ephansi. **7** Ngibonile izigqili zigade amabhiza, leziphathamandla zihamba njengezigqili emhlabeni. **8** Ogebha umgodiyazawela kuwo; lodiliza umthangala, inyoka izamluma. **9** Osusa amatshes uzalinyazwa yiwo; obanda izigodo uzakuba sengozini ngazo. **10** Uba insimbi ibuthundu njalo engaloli ubukhali, ngakho ufanele engezelele amandla; kodwa inhlikaniphoyinhle ukulungisa. **11** Uba inyoka iluma kungelakulunjwa, kakulanzuzo kungcitshiyolimi. **12** Amazwi omlomo ohlakaniphileyo alomusa, kodwa indebe zesithutha ziyasiginya. **13** Ukuqala kwamazwi omlomo waso kuyibuthutha, lokucina kwenkulumo yaso kuyibuhlanya obubi, **14** njalo isithutha sandisa amazwi. Umuntu kazi okuzakuba khona; lalokho okuzakuba khona emva kwakhe, ngubani ongamtshela khona? **15** Umtshikatshika wesithuthandini uyasidinisa, ngoba kasazi ukuya emzini. **16** Maye kuwe, lizwe, onkosi yakho ingumntwana, leziphathamandla zakho zidla ekuseni! **17** Ubusiwe, lizwe,

onkosi yakho iyindodana yabakhulu, leziphathamandla zakho zidla ngesikhathi esifaneleyo, zidlela ukuqina, hatshi ukudakwa. **18** Ngobuvila obukhulu intungo ziyabhensa, langokuyekethisa izandla indlu iyanethela. **19** Idili lenzelwa uhleko, lewayini lithokozisa impilo; kodwa imali iyimpendulo yakho konke. **20** Lemcabangweni wakho ungayithuki inkosi, lekamelweni lakho lokulala ungamthuki onothileyo; ngoba inyoni yamazulu izathwala ilizwi, lokulamaphiko kubike udaba.

11 Phosela isinkwa sakho phezu kobuso bamanzi, ngoba uzasithola emva kwensuku ezinengi. **2** Nika isabelo kwabayisikhombisa, yebo, lakwabayisificaminwembali, ngoba kawazi ukuthi bubi bani obuzakuba emhlabeni. **3** Uba amayezi egcwele izulu, ayalithululela emhlabeni; uba-ke isihlahla siwela ngeningizimu kumbe ngenyakatho, endaweni lapho isihlahla esiwela khona sizakuba khonapho. **4** Onanzelela umoya kayikuhlanyela, lalowo okhangela amayezi kayikuvuna. **5** Njengoba ungazi ukuthi iyini indlela yomoya, akhula njani amathambo esiswini sokhulelweyo, ngokunjalo kawazi umsebenzi kaNkulunkulu owenza konke. **6** Hlanyela inhlangano yakho ekuseni, lantambama ungaphumuzi isandla sakho; ngoba kawazi ukuthi yiyiphi ezaphumelela, le kumbe leyana, loba zombili zizakuba zinhle ngokufananayo. **7** Sibili, ukukhanya kumnandi; njalo kuhle emehlweni ukubona ilanga. **8** Kodwa uba umuntu ephila iminyaka eminengi, kathokoze ngayo yonke; kodwa kakhumbule lensuku zomnyama, ngoba zizakuba zinengi. Konke okuzayo kuyize. **9** Thokoza, jaha, ebutsheni bakho, lenhliziyo yakho kayikuthokozise ensukwini zobutsha bakho, uhambe endleleni zenhliziyo yakho lekuboneni kwamehlo akho. Kodwa yazi ukuthi ngenxa yazo zonke izinto uNkulunkulu uzakuletha kusahlulelo. **10** Ngakho susa ukudabuka enhliziyweni yakho, ukhuphe ububi enyameni yakho, ngoba ubutsha lobujaha buyize.

12 Khumbula-ke uMdali wakho ensukwini zobutsha bakho zingakafiki insuku ezimbi, kumbe kusondele iminyaka, lapho ozakuthi: Kangelantokozo ngayo. **2** Kungakafiphali ilanga lokukhanya lenyanga lezinkanyezi, kumbe amayezi abuyeke emva kwezulu. **3** Ngosuku lapho abagcini bendlu bezathuthumela, lamadoda alamandla akhokhobe, labacholayo beme ngoba bebalutshwana, lalabo abalunguza ngamawindi bafiphazeke, **4** lezivalo zivalwe esitaladini, lapho umsindo wokuchola usuncipha, lapho ezavuka ekukhaleni kwenyoni, lamadodakazi wonke engoma ezathotshiswa, **5** lalapho bezakwesaba okuphakemeyo lezesabiso endleleni, lapho isihlahla se-alimondi sesilempoko, lentothoviyane izakuba ngumthwalo kuyo, lesiloyiso sizaphela. Ngoba umuntu uya ekhaya lakhe elilaphakade, labalilayo bazazulazula esitaladeni. **6** Kungakathukululwa intambo yesiliva, lomganu wegolide uphahlazwe, lembiza iphahlazeke emthonjeni, lendirayo yephuke emgodini wamanzi, **7** lothuli lubuyeke emhlabathini njengoba lwalunjalo, lomoya ubuyela kuNkulunkulu owawunikayo. **8** Ize leze, kutsho umTshumayeli, konke kuyize. **9** Phezu kwalokho-ke, ngoba umTshumayeli wayehlakaniphile, wayelokhu efundisa abantu ulwazi, yebo wazindla, wadingisisa, wamisa kuhle izaga ezinengi. **10** UmTshumayeli wadinga ukuthola amazwi

akholisisayo, lokwabhalwayo kwakuqondile, amazwi eqiniso. **11** Amazwi abahlakaniphileyo anjengezincijo, lanjengezipikili ezibethelwe zatshona, amakhosi emihlangano, enikwa ngumelusi munye. **12** Phezu kwalokho-ke, ndodana yami, xwayiseka: Ekwenzeni ingwalo ezinengi kakulasiphelo, lokufunda okunengi kuyikudinya inyama. **13** Isiphetho sodaba konke sekuzwakele yilesi: Mesabe uNkulunkulu, ugcine imilayo yakhe; ngoba lokho yimfanelo yonke yomuntu. **14** Ngoba uNkulunkulu uzalettha wonke umsebenzi kusahlulelo, layo yonke into efihliweyo, loba kuhle laloba kubi.

Ingoma Yezingoma

1 Ingoma yezingoma engekaSolomoni. **2** Kangange ngokwanga komlomo wakhe; ngoba uthando lwakho lungcono kulewayini. **3** Ngenxa yephunga lamagcobo akho amnandi, ibizo lakho linjengamagcobo athululileyo; ngakho-ke izintombi ziyakuthanda. **4** Ngidonsa, sizagijima emva kwakho; inkosi ingingene emakamelweni ayo; sizajabula sithokoze kuwe, sikhumbule uthando lwakho okwedlula iwayini; abaqondileyo bayakuthanda. **5** Ngimnyama, kodwa ngimuhle, madodakazi eJerusalema, njengamathente eKedari, njengamakhetheni kaSolomoni. **6** Lingangibukeli ngoba ngimnyama, ngoba ilanga lingitshisile. Abantwana bakamama bangizondela, bangenza umlindikazi wezivini; isivini sami esingesami kangisilindanga. **7** Ngitsihela, wena umphefumulo wami okuthandayo, ukuthi welusela ngaphi, uphuma ngaphi umhlambi emini; ngoba kungani ngizakuba njengozulayo ngasemihlanjini yabangane bakho? **8** Uba ungazi, wena omuhle kakhulu phakathi kwabesifazana, phuma wena ngezinyathelo zomhlambi, welusele amazinyane akho phansi kwamadumba abelusi. **9** Ngikufananise lebhizakazi ezinqoleni zikaFaro, mthandwa wami. **10** Izihlathi zakho zihle phakathi kwemicciso, intamo yakho ngezizigqo. **11** Sizakwenzela imicciso yegolide lamaqhubu esiliva. **12** Inkosi isesetafuleni layo ledli inadi yami yakhupha iphunga layo. **13** Isithandwa sami kimi siyisamba semure; sizalala phakathi kwamabele ami ebusuku. **14** Isithandwa sami kimi silihlukuzo lesihlahla sehena ezivini zeEngedi. **15** Khangela, umuhle, mthandwa wami, khangela, umuhle, amehlo akho angawamajuba. **16** Khangela, umuhle, sithandwa sami, isibili uyathokozisa. Lombheda wethu uluhlaza. **17** Imijabo yezindlu zethu yimisedari, intungo zethu ngezefiri.

2 Ngilirozi leSharoni, umduze wezigodi. **2** Njengomduze phakathi kwameva, unjalo mthandwa wami phakathi kwamadodakazi. **3** Njengesihlahla sama-aphula phakathi kwezihlahla zeganga, sinjalo isithandwa sami phakathi kwamadodana. Ngahlala emthunzini waso ngathokoza kakhulu, lesithelo saso sinnandi ekuambitheni kwami. **4** Sangisa endlini yewayini, lesiboniso sazo phezu kwami siluthando. **5** Ngisekelani ngezinkwa zezithelo zevini ezonyisiweyo, lingiqinise ngama-aphula, ngoba ngiguliswa luthando. **6** Isandla saso sokhohlo singaphansi kwekhanda lami, lesokunene saso siyangigona. **7** Ngiyalifungisa, madodakazi eJerusalema, ngemiziki kumbe ngezimpala zeganga, ukuze lingaphazamisi lingavusi uthando aze athande. **8** Ilizwi lesithandwa sami! Khangela sona siyeza, siseqa phezu kwezintaba, siqolotsha phezu kwamaqaqa. **9** Isithandwa sami sinjengomziki kumbe njengethole lendluzele. Khangela simi ngemva komduli wethu, silunguza emawindini, sizibonakalisa eminxibeni yewindi. **10** Isithandwa sami saphendula sathi kimi: Vuka wena, mthandwa wami, omuhle wami, asihambe wena. **11** Ngoba khangela, ubusika sebudlulile, izulu seliphelile, lihambile. **12** Amaluba ayabonakala emhlabeni, isikhathi sokuhlabelela sesifikile, lelizwi lejuba liyewakala elizweni lakithi. **13** Isihlahla somkhiwa sivuthisa imikhiwa yaso eluhlaza, lamavini alempoko aletha

iphunga elimnandi. Vuka wena, mthandwa wami, omuhle wami wena, sihambe. **14** Juba lami, elisengoxweni yedwala, ekusithekeni kweliwa, ngitshengisa ubuso bakho, ngizwise ilizwi lakho, ngoba ilizwi lakho limnandi, lobuso bakho buyabukeka. **15** Sibambeleni amakhanka, amakhanka amancinyane, ona izivini, ngoba izivini zethu zilezimpoko. **16** Isithandwa sami ngesami, lami ngingowaso, eselusa phakathi kwemiduze. **17** Kuze kube semadabukakusa, lamathunzi abaleke, phenduka, sithandwa sami, ube njengomziki kumbe njengethole lendluzele phezu kwezintaba zeBhetheri.

3 Embhedeni wami ebusuku ngamdinga lowo umphefumulo wami omthandayo; ngamdinga, kodwa kangimtholanga. **2** Sengizasuka ngibhodabhode emzini, ezitaladeni lemagekeni, ngimdinge yena umphefumulo wami omthandayo; ngamdinga, kodwa kangimtholanga. **3** Abalindi ababebhodabhoda emzini bangifika. Limbonile yini yena umphefumulo wami omthandayo? **4** Sengidlule kancinyane kubo ngasengimthola yena umphefumulo wami omthandayo. Ngambamba, kangimyekelanga ahambe ngaze ngamletha endlini kamama, lekamelweni lakhe owangimithayo. **5** Ngiyalifungisa, madodakazi eJerusalema, ngemiziki kumbe ngezimpala zeganga, ukuze lingaphazamisi lingavusi uthando luze luthande. **6** Ngubani lo owenyuka evela enkangala njengezinsika zentuthu, eqholwe ngemure lempepha, ngakho konke okucholisisiweyo kwabathengisi? **7** Khangela umbheda wakhe ongokaSolomoni, amaqhawe angamatshumi ayisithupha awugombolozela, emaqhaweni akolsrayeli. **8** Wonke abambe inkemba efundiselwe impi, yilelo lalalo inkemba yalo emlenzeni walo ngenxa yokwesaba ebusuku. **9** Inkosi uSolomoni yazenzela isihlalo sokuthwalwa ngezigodo zeLebhanoni. **10** Yenza insika zaso ngesiliva, iphansi laso ngegolide, isihlalo saso ngokuyibubende, ubuphakathi baso bubekelwe ngothando ngamadodakazi eJerusalema. **11** Phumani, madodakazi eZiyoni, libone inkosi uSolomoni, ilomqhele unina amethwesa umqhele ngawo ngosuku lomtshado wayo, langosuku lwentokozo yenhliziyayo.

4 Khangela, umuhle, mthandwa wami, khangela, umuhle. Amehlo akho angawamajuba ngaphakathi kweveyili lakho; inwele zakho zinjengomhlambi wembuzi zisehla entabeni iGileyadi. **2** Amazinyo akho anjengomhlambi wezimvukazi ezigundiweyo, ezikhuphuka ekugezisweni, okuthi zonke zazo zizele amaphahla, njalo kungekho efelwayo phakathi kwazo. **3** Indebe zakho zinjengentambo ebomvu, lenkulumo yakho yinhle. Inhlafuno zakho phakathi kweveyili lakho zinjengocezu lwepomegranati. **4** Intamo yakho injengomphotshongo kaDavida owakhiwe waba yindlu yezikhali, okulenga kuwo amahawu ayinkulungwane, wonke ayizihlangu zamaqhawe. **5** Amabele akho womabili anjengabantwana ababili bomziki, abangamaphahla empala, abadla phakathi kwemiduze. **6** Kuze kube semadabukakusa, lamathunzi abaleke, mina ngizakuya entabeni yemure, leqaqeni lwempepha. **7** Wena wonke umuhle, mthandwa wami, kakukho sici kuwe. **8** Woza lami sisuke eLebhanoni, makoti wami, lami sisuke eLebhanoni. Khangela usengqongeni yeAmana, engqongeni yeSeniri leyeHermoni, ezimbalwini zezilwane, entabeni zezingwe. **9** Uyithumble inhliziyayo

yami, dadewethu, makoti, uyithumbile inhlizyo yami ngelinye lamehlo akho, ngesigqizo esisodwa sentamo yakho. **10** Luhle kangakanani uthando lwakho, dadewethu, makoti! Lungcono kangakanani uthando lwakho kulewayini, lephunga lamagcobo akho kulamakha wonke. **11** Indebe zakho, makoti, zithonta njengohlanga loluju; uluju lochago kungaphansi kolimi lwakho, lephunga lezembatho zakho linjengephunga leLebhanoni. **12** Uyisivande esikhuyiweyo, dadewethu, makoti, umthombo okhuyiweyo, isiphethu esinanyekwe ngophawu. **13** Amahlumela akho ayisivande samapomegranati, lezithelo ezimnandi, ihena lenadi, **14** inadi lesafroni, ikhalamu lekinamoni, lezihlahla zonke zempepha, imure lenhlaba, lamakha wonke aqakathekileyo; **15** umthombo wezivande, umgodu wamanzi aphilayo, lezifula ezivela eLebhanoni. **16** Vuka, moya wenyakatho, uze lawe, moya weningizimu, uphethethe esivandeni sami ukuze amakha aso ageleze aphume. Kasize isithandwa sami esivandeni saso, sidle izithelo zaso ezimnandi.

5 Sengingenile esivandeni sami, dadewethu, mlobokazi, sengikhe imure yami lamakha ami, ngidle uhlanga loluju lwami kanye loluju lwami, nginathe iwayini lami lochago lwami. Dlanini, bangane, linathe, linathe kakhulu, bathandekayo. **2** Ngilele, kodwa inhlizyo yami iphapheme. Ilwizi lesithandwa sami liqoqoda, lisithi: Ngivulela, dadewethu, mthandwa wami, juba lami, opheleleyo wami, ngoba ikhanda lami ligcwele amazulu, inwele zami eziphotheneyo amathonsi ebusuku. **3** Ngikhuphile isigqoko sami, ngingasigqoka njani? Ngigezile inyawo zami, ngingazingcolisa njani? **4** Isithandwa sami safaka isandla saso esikheleni sesivalo, lemibilini yami yasiqubuleka. **5** Ngasukuma mina ukuvulela isithandwa sami; lezandla zami zathonta imure, leminwe yami imure egelezayo, ezibanjeni zekhiye. **6** Mina ngasivulela isithandwa sami, kodwa isithandwa sami sasitshibilike sedlula. Umphefumulo wami wehluleka ekukhulumeni kwaso. Ngasidinga, kodwa kangasitholanga, ngasibiza, kodwa kasingiphendulanga. **7** Abalindi ababehodabhoda emzini bangifika, bangitshaya, bangilimaza; abalindi bemiduli bangithathela ijali yami. **8** Ngiyalifungisa, madodakazi eJerusalema, uba lithola othandekayo wami, lizamtshelani? Ukuthi ngiguliswa luthando. **9** Isithandwa sakho simedlula ngani omunye othandekayo, wena omuhle phakathi kwabesifazana? Isithandwa sakho simedlula ngani omunye othandekayo ukuthi usifungise njalo? **10** Isithandwa sami simhlophe sibomvana, inhlokonkulu phakathi kwenkulungwane ezilithumi. **11** Ikhanda laso linjengegolide elicungeke kakhulu, inwele zaso eziphotheneyo ziyibulembu, zimnyama njengewabayi. **12** Amehlo aso anjengamajuba ezifuleni zamanzi, agezwe ngochago, afakwe kakuhle. **13** Izihlathi zaso zinjengombheda wamakha, njengemibundu yamakha akhupha iphunga elimnandi. Indebe zaso zinjengemiduze, zithonta imure egelezayo. **14** Izandla zaso zinjengendandatho zegolide ezigcwele ibherule. Isisu saso sinjengophondo lwendlovu olukhanyayo, luhuqwe ngesafire. **15** Imilenze yaso zinsika zelitshe elimhlophe zimiswe ezisekelweni zegolide elicwengekileyo. Ukukhangeleka kwaso kunjengeLebhanoni, elikhethelo njengemisedari. **16** Umlomo waso umnandi kakhulu,

yabo sonke siyathandeka kakhulu. Lesi yisithandwa sami, njalo lesi ngumngane wami, madodakazi eJerusalema.

6 Siye ngaphi isithandwa sakho, wena omuhle phakathi kwabesifazana? Siphendukele ngaphi isithandwa sakho, ukuze sisidinge kanye lawe? **2** Isithandwa sami shelele esivandeni saso, emibhedeni yamakha, ukudla ezivandeni, lokukha imiduze. **3** Ngingowesithandwa sami, lesithandwa sami singesami, esidla phakathi kwemiduze. **4** Umuhle, mthandwa wami, njengeTiriza, uyabukeka njengeJerusalema, uyesabeka njengebutho eliphethe iziboniso. **5** Susa amehlo akho kimi ngoba ayanginqoba. Inwele zakho zinjengomhlambi wembuzi zisehla eGileyadi. **6** Amazinyo akho anjengomhlambi wezimvukazi ezikhuphuka ekugezisweni, okuthi zonke zazo zizele amaphahla, njalo kungekho eyinyumba phakathi kwazo. **7** Inhlofundo zakho phakathi kweveyili lakho zinjengocezu lwepomegranati. **8** Kukhona izindlovukazi zingamatshumi ayisithupha, labafazi abancane abangamatshumi ayisificaminwembali, lezintombi ezingelanani. **9** Linye ijuba lami, opheleleyo wami, nguye yedwa kunina, ongokhethiweyo wakhe owamzalayo. Amadodakazi ambona, ambusisa, izindlovukazi labafazi abancinyane, bambabaza. **10** Ngubani lo obonakala njengokusa, omuhle njengenyanga, ocwebileyo njengelanga, owesabeka njengebutho eliphethe iziboniso? **11** Ngehlela esivandeni senkelo ukubona okuhlumayo esigodini, ukubona ukuthi ivini liyahlumela, amapomegranati ayakhahelela yini. **12** Ngingakazi umphefumulo wami wangimisa ezinqoleni zobukhosi zabantu bakithi. **13** Phenduka, phenduka, mShulami, phenduka, phenduka, ukuze sikubuke. Limbukelani umShulami? Kunjengexuku lamabutho amabili.

7 Zinhle kangakanani izinyawo zakho emanyathelweni, ndodakazi yenkosana! Amalunga amathangazi akho anjengemiceciso, umsebenzi wezandla zengcitshi. **2** Inkaba yakho injengomganu oyingubhe ongasweli iwayini elixutshaniweyo. Isisu sakho sinjengenqumbi yengqoloyi ezingelezelwe yimiduze. **3** Amabele akho womabili anjengabantwana ababili bomziki, abangamaphahla empala. **4** Intamo yakho injengomphotshongo wempondo zendlovu. Amehlo akho ayiziziba zeHeshiboni ngasesangweni leBeti-Rabimi. Impumulo yakho injengomphotshongo weLebhanoni okhangelene leDamaseko. **5** Ikhanda lakho phezu kwakho linjengeKharmeli, lenwele zekhanda lakho ezilengayo zinjengokuyibubende; inkosi ibotshwe emikhandlweni. **6** Umuhle kangakanani, njalo uthandeka kangakanani, thando, ezinjambulweni. **7** Lobu ubude bakho bunjengesihlahla selala, lamabele akho njengamaxha. **8** Ngathi: Ngizakhwela esihlahleni selala ngibambe ingatsha zaso. Khathezi-ke amabele akho azakuba njengamahlukuzo evini, lephunga lamakhala akho linjengama-aphula, **9** lolwanga lwakho lunjengewayini elihle eliya kusithandwa sami kakuhle, kusenza indebe zabaleleyo zikhulume. **10** Ngingowesithandwa sami, lesifiso saso singakimi. **11** Woza, sithandwa sami, kasiphumele egangeni, silale ebusuku emizaneni; **12** kasivuke ngovivi siye ezivinini, sibone ukuthi amavini asehluma, ekhupha impoko, lokuthi amapomegranati akhahlele yini. Lapho ngizakunika uthando lwami. **13**

Amamandrake akhupha iphunga elimnandi, langasemasangweni ethu kukhona zonke inhlobo zezithelo ezimnandi kakhulu, ezintsha lezindala, engizibekele wena, sithandwa sami.

phambi kwenkosi yeBhabhiloni, wangena eJerusalem. **13** Watshisa indlu kaJehova, lendlu yenkosi, lezindlu zonke zeJerusalem lezindlu zonke zabakhulu wazitshisa ngomlilo. **14** Lebutho lonke lamaKhaladiya, elalilenduna yabalindi, labhidliza yonke imiduli yeJerusalem inhlangothi zonke. **15** UNebuzaradani induna yabalindi wasethumba abathile kwabangabayanga babantu, lensali yabantu eyayisele emzini, lalabo ababehlamukile, ababehlamukele enkosini yeBhabhiloni, labaseleyo bexuku. **16** Kodwa uNebuzaradani induna yabalindi watshiya abanye kwabangabayanga belizwe ukuthi babe ngabaphathi bezivini labalimi. **17** Lensika zethusi ezazisendlini yeNkosi, lezisekelo, lolwandle lwethusi olwalusendlini yeNkosi, amaKhaladiya akuphahlaza, athwala lonke ithusi lakho alisa eBhabhiloni. **18** Athatha izimbiza, lamafotsholo, lezindlawu, lemiganu yokufafaza, lezinkezo, lazo zonke izitsha zethusi abakhonza ngazo, **19** lemiganu, lezitsha zokuthwala umlilo, lemiganu yokufafaza, lezimbiza, lezinti zezibane, lezinkezo, lemiganu yomnikelo wokuthululwa; okwakuligolide golide lokwakuyisiliva siliva induna yabalindi yakuthatha. **20** Insika zombili, ulwandle olulodwa, lenkabi zethusi ezazilitshumi lambili ezazingaphansi kwezisekelo inkosi uSolomoni eyayikwenzele indlu yeNkosi; ithusi lazo zonke lezizitsha lalingelakulinganiswa ngesisindo. **21** Mayelana lezinsika, ubude benkisa eyodwa babuzingalo ezilitshumi lesificaminwembili, lentambo yezingalo ezilitshumi lambili yayigombolozela, lohlonzi lwayo lwaluyiminwe emine, yayilonwolo. **22** Lesiduku esiphezu kwayo sasilithusi, lobude besiduku esisodwa babuzingalo ezinhlanu, lembule, lamapomegranati phezu kwesiduku inhlangothi zonke; konke kwakulithusi. Lensika yesibili yayilokufanana lalezi, lamapomegranati. **23** Njalo kwakulamapomegranati angamatshumi ayisificamunwemunye lesithupha eceleni; wonke amapomegranati ayelikhulu phezu kwembule inhlangothi zonke. **24** Induna yabalindi yasithatha uSeraya umpriisti oyinhloko, loZefaniya umpriisti owesibili, labalindi bombundu labo bobathathu. **25** Yasithatha emzini umthenwa othile owayengumphathi phezu kwamadoda empi, lamadoda ayisikhombisa kulabo ababona ubuso benkosi, atholakala emzini, lomabhalane wenduna yebutho eyayibuthela abantu belizwe emabuthweni, lamadoda angamatshumi ayisithupha abantu belizwe, ayetholakala phakathi komuzi. **26** UNebuzaradani induna yabalindi wasebathatha, wabasa enkosini yeBhabhiloni eRibila. **27** Inkosi yeBhabhiloni yasibatshaya, yababulalela eRibila elizweni leHamathi. Ngokunjalo uJuda wathunjwa esuswa elizweni lakhe. **28** Laba ngabantu uNebhukadirezari abathumbayo: Ngomnyaka wesikhombisa, amaJuda azinkulungwane ezintathu lamatshumi amabili lantathu; **29** ngomnyaka wetshumi lesificaminwembili kaNebhukadirezari, kwasuka eJerusalem imiphfumulo engamakhulu ayisificaminwembili lamatshumi amathathu lambili; **30** ngomnyaka wamatshumi amabili lantathu kaNebhukadirezari, uNebuzaradani induna yabalindi wathumba amaJuda, imiphfumulo engamakhulu ayisikhombisa lamatshumi amane lanhlano; yonke imiphfumulo yayizinkulungwane ezine lamakhulu ayisithupha. **31** Kwasesukuthi ngomnyaka wamatshumi amathathu lesikhombisa wokuthunjwa kukaJehoyakhini inkosi

yakoJuda, ngenyanga yetshumi lambili ngolwamatshumi amabili lanhlanu lwenyanga, uEvili-Merodaki inkosi yeBhabhiloni, ngomnyaka wokuqala wokubusa kwakhe, waphakamisa ikhanda likaJehoyakhini inkosi yakoJuda, wamkhupha entolongweni, **32** wasekhuluma kuhle laye, wabeka isihlalo sakhe sobukhosi phezu kwesihlalo sobukhosi samakhosi ayelaye eBhabhiloni. **33** Wasentshintsha izigqoko zokubotshwa kwakhe; njalo wadla isinkwa phambi kwayo njalonjalo insuku zonke zempilo yakhe. **34** Mayelana lesabelo sakhe, isabelo esimiyo wasinikwa yinkosi yeBhabhiloni, into yosuku ngosuku lwayo, kwaze kwaba lusuku lokufa kwakhe, zonke insuku zempilo yakhe.

Izililo

1 Yeka ukuhlala kodwa komuzi owawugcwele abantu! Usunjengomfelokazi owawumkhulu phakathi kwezizwe, owawuyinkosikazi phakathi kwezabelo usuyisibhalwa! **2** Uyakhala lokukhala inyembezi ebusuku, lezinyembezi zawo zisezihlathini zawo. Kawulamduzi phakathi kwazo zonke izithandwa zawo. Bonke abangane bawo bawuphethe ngenkohliso, sebeyizitha zawo. **3** UJuda useye ekuthunjweni ngenxa yokuhlupheka langenxa yobukhulu bobugqili; yena uhlala phakathi kwabezizwe, katholi ukuphumula; bonke abamzingelayo bamfica ephakathi kwezibandezelo. **4** Indlela zeZiyoni ziyaila, ngoba kungekho ozayo emkhosini omisiweyo; wonke amasango ayo angamanxiwa; abapristi bayo bayabubula, izintombi zayo ezimulwa zidabukile, layo isekubabeni. **5** Abamelani bayo sebeyinhloko, izitha zayo zonwabile; ngoba iNkosi iyidabulile ngenxa yobunengi beziphambeko zayo; abantwana bayo sebeye ekuthunjweni phambi kwesitha. **6** Labo bonke ubuhle bayo busukile kundodakazi yeZiyoni. Iziphathamandla zayo zinjengezindluzele ezingatholi idlelo, njalo ziyahamba zingelamandla phambi komzingeli. **7** Ezinsukwini zenhlopheko yayo lokuzulazula kwayo iJeruselema yakhumbula zonke izinto zayo eziloyisekayo okwakukhona kusukela ezinsukwini zasendulo, lapho abantu bayo bawela esandleni sesitha, njalo ingelamsizi; izitha ziyibona, zahleka usulo amasabatha ayo. **8** IJeruselema yonile kakhulu, ngakho-ke isingcolile; bonke ababeyihlonipha bayidelela, ngoba sebebonile ubuze bayo; yona isibubula, ibuyele emuva. **9** Ukungcola kwayo kwakusemiphethweni yezigqoko zayo; kayikhumbulanga ukucina kwayo; ngakho yehla ngokumangalisayo, yayingelamduduzi. Nkosi, bona inhlopheko yami, ngoba isitha sizikhulisile. **10** Isitha selule isandla saso phezu kwazo zonke izinto zayo eziloyisekayo; ngoba ibonile izizwe zingena endaweni yayo engcwele, owazilaya ukuthi zingangeni phakathi kwebandla lakho. **11** Bonke abantu bayo bayabubula, bedinga isinkwa; banike izinto zabo eziloyisekayo ngokudla ukuthi bavuselele umphefumulo. Bona, Nkosi, ukhangele, ngoba ngiyadelelwa. **12** Kakusilutho kini yini lonke elidlulayo ngendlela? Khangelani libone uba kukhona yini usizi njengosizi lwami, olwenziwe kimi, iNkosi engidabule ngalo osukwini lokuvutha kolaka lwayo. **13** Iphezulu, ithumele umlilo emathanjeni ami, waweuhlula; ithiyele unyawo lwami imbule, ingibuyisele emuva; ingenze ngaba lunxiwa, ngaphela amandla usuku lonke. **14** Ijokwe leziphambeko zami libotshwe ngesandla sayo; zelukiwe, zenyukele entanyeni yami, iwisile amandla ami; iNkosi inginikele ezandleni zabo, ngingelakho ukuvuka. **15** INkosi yeyisile wonke amaqhawe ami phakathi kwami; yabiza umhlangano omelene lami ukuchoboza amajaha ami; iNkosi inyathelele intombi emsulwa, indodakazi yakoJuda, isikhanelo sewayini. **16** Ngenxa yalezizinto ngiyakhala inyembezi; ilihlo lami, ilihlo lami lehlisa amanzi, ngoba umduduzi obengavuselela umphefumulo wami ukhatshana lami; abantwana bami bachithakele ngoba isitha siinqobile. **17** IZiyoni iyelula izandla zayo, kakho oyiduduzayo. INkosi ilayile ngoJakobe ukuthi abamzingelezeleyo babe yizitha

zakhe. IJeruselema injengowesifazane ongcolileyo phakathi kwabo. **18** INkosi ilungile, ngoba ngivukele umlomo wayo. Ake lizwe, bantu lonke, libone usizi lwami. Intombi zami ezimulwa lamajaha ami baye ekuthunjweni. **19** Ngabiza izithandwa zami, kodwa zona zangikhohlisa. Abapristi bami labadala bami baphefumula okokucina emzini, besazidingela ukudla ukuze bavuselele umphefumulo wabo. **20** Bona, Nkosi, ngoba ngiluzizi; imibilini yami idungekile, inhliziyoyi yami iphendukile phakathi kwami, ngoba ngaba lenkani kakhulu. Ngaphandle inkemba iyemuka abantwana, endlini kunjengokufa. **21** Bezwile ukuthi mina ngiyabubula; kangilamduduzi; zonke izitha zami zizwile ngobubi bami; ziyathokoza ngoba wena ukwenzile. Uzalufikisa usuku osulumemezile, khona zizakuba njengami. **22** Kabufike bonke ububi bazo phambi kwakho, wenze kizo njengalokhu wenzile kimi ngenxa yazo zonke iziphambeko zami; ngoba ukububula kwami kunengi, lenhliziyoyi yami iphela amandla.

2 INkosi iyigubuzele kangakanani indodakazi yeZiyoni ngeyezi entukuthelweni yayo, yaphosa ubuhle bukalsrayeli busuka emazulwini busiya emhlabeni; njalo kaysikhumbulanga isenabelo senyawo zayo ngosuku lwentukuthelo yayo! **2** INkosi iginyile zonke indawo zokuhlala zikaJakobe, ingahawukeli; ekuthukutheleni kwayo idilizile izinqaba zendodakazi yakoJuda, yazisa emhlabathini; yangcolisa umbuso leziphathamandla zawo. **3** Iqumile ngokuvutha kolaka lwayo lonke uphondo lwakolsrayeli; yabuyisela emuva isandla sayo sokunene phambi kwesitha; yatshisa imelene loJakobe njengomlilo welangabi oqothula inhlangothi zonke. **4** Iqobisile idandili layo njengesitha; yema ngesandla sayo njengesitha; yabulala zonke izinto eziloyisekayo zamehlo ethenteni lendodakazi yeZiyoni; yathulula ulaka lwayo njengomlilo. **5** INkosi yaba njengesitha; yaginya ulsrayeli, yaginya zonke izigodlo zakhe, yachitha inqaba zakhe; yandisa ukulila lesililo kundodakazi yakoJuda. **6** Ithethe ngodlakela idumba layo njengesivande; yachitha indawo yakhe yokuhlanganyela; uJehova wenza ukuthi kukhohlakale eZiyoni umkhosi omisiweyo lesabatha; wadelela inkosi lompristi ngokuvutha kolaka lwakhe. **7** INkosi ilahlile ilathi layo; yadelela indawo yayo engcwele; yanikela esandleni sesitha imiduli yezigodlo zayo. Zakhupha umsindo endlini yeNkosi njengosukwini lomkhosi omisiweyo. **8** INkosi yacabanga ukuchitha umduli wendodakazi yeZiyoni; yelulile intambo yokulinganisa; kayibuyisanga isandla sayo ekuginyeni; ngakho yenza ukuthi kulile umthangala lomduli, kanyekanye kuphele amandla. **9** Amasango ayo atshonile emhlabathini; yabhubhisa yephula imigoqo yayo; inkosi yayo leziphathamandla zayo ziphakathi kwabezizwe; kakulamthetho; labaprofethi bayo kabatholi umbono uvela eNkosini. **10** Abadala bendodakazi yeZiyoni bahlezi emhlabathini, bathule, bathele uthuli ekhanda labo, babhince amasaka; izintombi zeJeruselema zikhothamisele emhlabathini amakhanda azo. **11** Amehlo ami ayaphela ngezinyembezi, imibilini yami idungekile, isibindi sami sithululelwe emhlabathini, ngenxa yokwephuka kwendodakazi yabantu bami; ngoba umntwana lomunyawo bayadangala ezitaladeni zomuzi. **12** Bathi kubonina: Angaphi amabele lewayini? lapho bedangala njengabagwaziweyo ezitaladeni zomuzi, lapho umphefumulo wabo uzithululela esifubeni sabonina. **13** Ngingakufakazalani? Kuyini engingakufananisa

lawe, wena ndodakazi yeJerusalema? Kuyini engingakulinganisa lawe, ukuze ngikududuze, ntombi emsulwa ndodakazi yeZiyoni? Ngoba ukwephuka kwakho kukhulu njengolwandle; ngubani ongakwelapha? **14** Abaprofethi bakho bakubonele okuyize lokungafanelanga, kabakuvezanga ukona kwakho, ukuze babuyise ukuthunjwa kwakho, kodwa bakubonele imithwalo yamanga lezinkohliso. **15** Bonke abedululayo ngendlela batshaya izandla ngawe, bancife, banikine ikhanda labo ngendodakazi yeJerusalema, besithi: Yiwo lo umuzi yini abathi ngawo uyikuphelela kobuhle, intokozo yomhlaba wonke? **16** Zonke izitha zakho zikukhamisele umlomo wazo, ziyancifa, zigedle amazinyo, zithi: Siwuginyile; isibili lolu lusuku ebesitilindele, sesilutholile, silubonile. **17** INkosi yenzile ebikucebile, igcwalisile ilizwi layo eyalilaya kusukela ensukwini zendulo; idilizile, kayihawukelanga; yenzile ukuthi isitha sithokoze phezu kwakho; yaphakamisa uphondo lwabamelene lawe. **18** Inhliziyo yabo yakhala eNkosini: Wena mthangala wendodakazi yeZiyoni, inyembezi kazehle njengomfula imini lobusuku; ungaziphi ukuphumula, inhlamvu yelihlo lakho ingapheli! **19** Sukuma, unqongolozе ebusuku ekuqaleni kwemilindo, uthulule inhliziyo yakho njengamanzi phambi kobuso beNkosi; uphakamise izandla zakho kuyo ngenxa yempilo yabantwana bakho abancinyane, abaphela amandla ngenxa yendlala ekuqaleni kwaso sonke isitalada. **20** Bona, Nkosi, ukhangele ukuthi wenze njalo kubani. Abesifazana bazakudla isithelo sabo yini, abantwana abancinyane ababasingathileyo? Umpristi lomprofethi bazabulawa endaweni engcwele yeNkosi yini? **21** Abatsha labadala balele emhlabathini ezitaladeni; intombi zami ezimsulwa lamajaha ami bawile ngenkamba; ubabulele osukwini lolaka lwakho, ujuqile kawuhawukelanga. **22** Wabiza njengosukwini olumisiweyo izesabiso zami inhlangothi zonke, ukuze ngosuku lolaka lweNkosi kakho ophunyukileyo loseleyo; labo engabasingathayo ngabakhulisa isitha sami sabaqeda.

3 Ngiyindodaebone inhlupheko ngentonga yolaka lwayo. **2** Ingikhokhele yangihambisa emnyameni kodwa hatshi ekukhanyeni. **3** Isibili iphenduke yamelana lami; iphendule isandla sayo imelene lami usuku lonke. **4** Igugisile inyama yami lesikhumba sami; yephulile amathambo ami. **5** Yakhile imelene lami, yangihanqa ngenyongo lobunzima. **6** Ingihlalise endaweni ezimnyama, njengabafa endulo. **7** Ngibiyeyele ukuze ngingaphumi, yenza iketane lami lethusi laba nzima. **8** Njalo nxa ngikhala ngimemeza, ivalela phandle umkhuleko wami. **9** Ibiyele indlela yami ngamatshе abaziweyo, yenza izindlela zami zagoba. **10** Yaba kimi njengebhare elicathemeyo, isilwane ezindaweni sensitha. **11** Iphambile izindlela zami, yangidabudabula, yangenxa unxiwa. **12** Igobisile idandili layo, yangimisa njengento yokunenjwa ngomtshoko. **13** Yenze amadodana esamba semitshoko yayo angena ezinsweni zami. **14** Ngaba yinhlekisa kibo bonke abantu bakithi, ingoma yabo usuku lonke. **15** Ingisuthise ngezinto ezibabayo, yanginathisa umhlonyane. **16** Njalo ichoboze amazinyo ami ngokhethe, yangigiga emlotheni. **17** Njalo wena walahla umphefumulo wami khatshana lokuthula; ngikhohlwe okuhle. **18** Ngakho ngithi: Kubhubhile amandla ami lethemba lami eNkosini. **19** Khumbula

inhlupheko yami lokuzulazula kwami, umhlonyane lenyongo. **20** Umphefumulo wami uhlala ukukhumbula, njalo ukhotheme phakathi kwami. **21** Lokhu ngiyakubuyisela enhliziyweni yami, ngakho-ke ngiyathemba. **22** Kuyizihawu zeNkosi ukuthi kasiqedwanga, ngoba izisa zakhe kazipheli; **23** zintsha ikuseni yonke; lukhulu uthembeko lwayo. **24** INkosi iyisabelo sami, kutsho umphefumulo wami; ngakho-ke ngizathemba kiyo. **25** INkosi ilungile kwabayilindelayo, kumphefumulo oyingayo. **26** Kuhle ukuthi umuntu athembe, njalo ngokuthula kusindiso lweNkosi. **27** Kuhle emuntwini ukuthi athwale ijogwe ebusheni bakhe. **28** Kahlale yedwa, athule, ngoba isimethese lona. **29** Kabeke umlomo wakhe othulini; mhlawumbe kungaba khona ithemba. **30** Kanikele isihlathi sakhe komtshayayo; asuthe inhlamba. **31** Ngoba iNkosi kayiyikulahla kuze kube phakade. **32** Ngoba lanxa idabukisile, kanti izakuba lesihawu ngobunengi bezisa zayo. **33** Ngoba kayihluphi ngenhliziyo yayo idabukise abantwana babantu; **34** ukuchoboza ngaphansi kwenyawo zayo zonke izibotshwa zomhlaba; **35** ukuphambukisa ilungelo lomuntu phambi kobuso boPhezukonke; **36** ukuphambanisa umuntu kudaba lwakhe, iNkosi kayikuboni yini? **37** Ngubani ongakukhuluma, njalo kwenzeka, nxa iNkosi ingakulayanga? **38** Kakuphumi ububi lokuhle emlonyeni woPhezukonke yini? **39** Ngakho usolelani umuntu ophilayo, umuntu ngezono zakhe? **40** Asihlole silinge izindlela zethu, sibuyele eNkosini. **41** Asiphakamisele inhliziyo lezandla zethu kuNkulunkulu emazulwini. **42** Thina siphambukile, saba lenkani; wena kawuthethelelanga. **43** Wembese ngolaka, waxotshana lathi, wabulala, kawuhawukelanga. **44** Uzembese ngeyezi, ukuze kungedluli umkhuleko. **45** Usenze saba yimfucuzo lezibi phakathi kwelizwe. **46** Zonke izitha zethu zivule umlomo wazo zimelene lathi. **47** Ukwesaba lomgodi kukhona phambi kwethu, incithakalo lokwephuka. **48** Ilihlo lami lehlisa imifula yamanzi ngokuchitheka kwendodakazi yabantu bami. **49** Ilihlo lami liyajuluka, kaliyekeli, kungelakuma, **50** ize ikhangele phansi ibone iNkosi isezulwini. **51** Ilihlo lami lenza umphefumulo wami ube buhlungu ngenxa yawo wonke amadodakazi omuzi wakithi. **52** Izitha zami zingizingele kabuhlungu njengenyoni, kungelasizatho. **53** Bayiqumile impilo yami emgodini, baphosa ilitshe phezu kwami. **54** Amanzi ageleza phezu kwekhanda lami; ngathi: Ngiquyiwe. **55** Ngabiza ibizo lakho, Nkosi, ngisemgodini phansi; **56** wezwa ilizwi lami; ungafihli indlebe yakho ekuphefumuleni kwami, ekukhaleleni kwami usizo. **57** Wasondela ngosuku lapho ngikubiza, wathi: Ungesabi. **58** Nkosi, uzimele izindaba zomphefumulo wami, wahlenga impilo yami. **59** Nkosi, ubonile ukoniwa kwami; yahlulela udaba lwami. **60** Ubonile yonke impindiselo yabo, wonke amacebo abo amelene lami. **61** Uzwiwe inhlamba yabo, Nkosi, wonke amacebo abo amelene lami, **62** indebe zabangivukelayo, lokuzindla kwabo kumelene lami lonke usuku. **63** Khangela ukuhlala kwabo, lokusukuma kwabo; ngiyingoma yabo. **64** Buyisela kibo impindiselo, Nkosi, njengokomsebenzi wezandla zabo. **65** Banike ubulukhuni behliziyo, isiqalekiso sakho kibo. **66** Xotshana labo ngolaka, ubabhuhise bangabi ngaphansi kwamazulu eNkosi.

4 Yeka ukufiphala kwegolide, ukuphenduka kwegolide elihle kakhulu! Amatshe endawo engcwele achithiwe

ekuqaleni kwazo zonke izitalada. 2 Amadodana aligugu eZiyoni, alinganiswa legolide elihle, yeka ukuthiwa kwawo ayizitsha zebumba, umsebenzi wezandla zombumbi! 3 Ngitsho amakhanka ehlixa ibele, amunyise imidlwane yawo; kodwa indodakazi yabantu bami isilesihluku, njengezintshe enkangala. 4 Ulimi lomunyayo lunamathela olwangenilwakhe ngenxa yokoma; abantwanyana bacela isinkwa, kakho obahlephulelayo. 5 Ababesidla izibiliboco baphundlekile ezitaladeni; abondliwa ngeziyibubende bagona inqumbi zomquba. 6 Ngoba icala lendodakazi yabantu bami likhulu kulesono seSodoma, eyachithwa kwangathi ngomzuzwana, kungelazandla ezayonayo. 7 AmaNazari ayo ayehlambulukile kuleliqhwa elikhithikileyo, emhlophe kulochago, ebomvana ngomzimba kulamakorali, isimo sawo sasingesesafire. 8 Ukubonakala kwawo sekumnyama kulomsizi, kawaziwa ezitaladeni; isikhumba sawo sinamathele emathanjeni awo, somile, saba njengogodo. 9 Ababulawa ngenkamba bangcono kulababulawa yindlala; ngoba laba bayacikizeka behlatshwa yikuswela izithelo zensimu. 10 Izandla zebesifazana abalesihawu zapheka abantwana babo; baba yikudla kwabo ekwephukeni kwendodakazi yabantu bami. 11 INkosi iphelelisile intukuthelo yayo, ithululile ukuvutha kolaka lwayo, yaphemba umlilo eZiyoni oqothule izisekelo zayo. 12 Amakhosi omhlaba labo bonke abakhileyo bomhlaba babengayikukholwa ukuthi umcindezeli lesitha babengangena emasangweni eJerusalem. 13 Kwakungenxa yezono zabaprofethi bayo leziphambeko zabapristi bayo, abachitha igazi labalungileyo phakathi kwayo. 14 Bazula njengeziphofu ezitaladeni, bangcoliswa ngegazi, kangangokuthi abantu kabangelakuthinta izembatho zabo. 15 Bamemeza kubo bathi: Sukani, kungcolile, sukani, sukani, lingathinti! Lapho bebaleka njalo bezula, bathi phakathi kwabezizwe: Kabasayikuhlala njengabezizwe. 16 Ubuso beNkosi bubahlakazile, kayisayikubananza; kabahloniphanga ubuso babapristi, kababanga lomusa kubadala. 17 Thina, amehlo ethu asaphela kusizo lwethu oluyize; ekulindeleni kwethu salindela isizwe esingelakusisindisa. 18 Bazingela izinyathelo zethu ukuze singahambi ezitaladeni zethu; isiphetho sethu sisondele, insuku zethu zigcwalisekile, ngoba isiphetho sethu sesifikile. 19 Abasizingelayo balejubane kulamanqe amazulu; baxotshana lathi ngokutshiseka ezintabeni; basicathamela enkangala. 20 Umoya wamakhala ethu, ogcotshiveyo weNkosi, wabanjwa emigodini yabo, esathi ngaye: Ngaphansi komthunzi wakhe sizaphila phakathi kwezizwe. 21 Jabula uthokoze, ndodakazi yeEdoma, ohlala elizweni leUzi; inkezo izadlulela lakuwe, uzadakwa, uzinqunule. 22 Ububi bakho buphelile, ndodakazi yeZiyoni; kasayikukuthumba; uzakhambela ububi bakho, ndodakazi yeEdoma; uzakwembula izono zakho.

5 Khumbula, Nkosi, ukuthi kwenzakaleni kithi; khangela, ubone ihlazo lethu. 2 Ilifa lethu seliphendulelwe kwabezizwe, izindlu zethu kwabemzini. 3 Siyizintandane, kungelababa; omama banjengabafelokazi. 4 Amanzi ethu siwanathile ngemali; inkuni zethu ziza ngentengo. 5 Sizingelwa ezintanyeni zethu, sidiniwe, kasilakuphumula. 6 Sinike isandla sethu kwabeGibhithe, labeAsiriya, ukuze sisuthiswe ngesinkwa. 7

Obaba bona, kabasekho, njalo thina sithwele iziphambeko zabo. 8 Izigqili ziyasibusa, kakho ongasihluthuna esandleni sazo. 9 Sizuzwa isinkwa sethu ngengozi yempilo yethu, ngenxa yenkamba yenkangala. 10 Ijwabu lethu limnyama njengeziko ngenxa yokutshisa okukhulu kwendlala. 11 Badlova abesifazana eZiyoni, izintombi ezimsulwa emizini yakoJuda. 12 Iziphathamandla zaphanyekwa ngesandla sazo; ubuso babadala kabuhlonitshwanga. 13 Amajaha athwala amatshe okuchola, labafana bakhubeka ngaphansi kwenkuni. 14 Abadala baphelile esangweni, amajaha ekuhlabeleleni. 15 Intokozo yenhliziyo yethu iphelile, ukugida kwethu kwaphenduka ukulila. 16 Umqhele wekhanda lethu uwile; hawu, maye kithi, ngoba sonile! 17 Ngenxa yalokhu inhliziyo yethu iphela amandla; ngenxa yalezizinto amehlo ethu afiphele. 18 Ngenxa yentaba yeZiyoni elunxiwa, amakhanka ahamba phezu kwayo. 19 Wena, Nkosi, uhlezi kuze kube nininini, isihlalo sakho sobukhosi sisuka esizukulwaneni sisiya esizukulwaneni. 20 Usikhohlweleni njalonjalo, usidela okobude bezinsuku? 21 Siphendulele kuwe, Nkosi, sizaphenduka; yenza insuku zethu zibe zintsha njengasendulo. 22 Kodwa ususilahlele isibili; usithukuthelele kakhulukazi.

UHezekheli

1 Kwasekusithi-ke ngomnyaka wamatshumi amathathu, ngenyanga yesine, ngolwesihlanu lwenyanga, lapho ngangiphakathi kwabathunjiweyo ngasemfuleni iKebari, avuleka amazulu, ngasengibona imibono kaNkulunkulu. **2** Ngolwesihlanu lwenyanga, okungumnyaka wesihlanu wokuthunjwa kwenkosi uJehoyakhini, **3** ilizwi leNkosi leza liqonde kuHezekeli, indodana kaBuzi, umpri, elizweni lamaKhaladiya ngasemfuleni iKebari; lesandla seNkosi saba phezu kwakhe lapho. **4** Ngasengibona, khangela-ke, umoya wesivunguzane wavela enyakatho, iyezi elikhulu, lomlilo ozimumethayo, lokucwazimula inhlangothi zonke zalo, laphakathi kwalo kwavela kwangathi libala lethusi, livela phakathi komlilo. **5** Laphakathi kwalo kwavela umfanekiso wezidalwa ezine eziphilayo. Lalokhu kwakuyisimo sazo: Zazilomfanekiso womuntu. **6** Njalo yilesi laleso sasilobuso obune, njalo yilesi laleso sazilobuso ezine. **7** Lenyawo zazo zazizinyawo eziqondileyo, lengaphansi yezinyawo zazo yayinjengengaphansi yonyawo lwethole, zacwazimula njengombala wethusi elilolongiweyo. **8** Njalo kwakulezandla zomuntu ngaphansi kwempiko zazo enhlangothi zazo zozine. Njalo zozine zazilobuso bazo lempiko zazo. **9** Impiko zazo zazihlangene olunye kolunye; aziphendukanga ekuhambeni kwazo; zahamba, yilesi laleso siqonde phambili. **10** Njalo umfanekiso wobuso bazo wawuyibuso bomuntu, njalo zozine zazilobuso besilwane ngakwesokunene; njalo zozine zazilobuso benkabi ngakwesokhohlo; futhi zozine zazilobuso belinqe. **11** Babunjalo ubuso bazo; lempiko zazo zazehlukene ngaphezulu; yilesi laleso sasilezimbili zihlanganisiwe kolunye, lezimbili zigubuzele imizimba yazo. **12** Zahamba yilesi laleso siqonde phambili; zaya lapho umoya owaya khona, zingaphenduki ekuhambeni kwazo. **13** Mayelana lomfanekiso wezidalwa eziphilayo, ukubonakala kwazo kwangunjengamalahle omililo avuthayo, njengokubonakala kwezibane; kwahamba kusiya le lala phakathi kwezidalwa eziphilayo; njalo umlilo wawulokukhazimula, njalo emlilweni kwakuphuma umbane. **14** Lezidalwa eziphilayo zagijima zaphenduka njengokubonakala kokuphazima kombane. **15** Ngathi ngikhangela izidalwa eziphilayo, khangela-ke, ivili elilodwa lalisehlabeni eceleni kwezidalwa eziphilayo, ebusweni baso obune. **16** Ukubonakala kwamavili lomsebenzi wawo kwakufanana lombala webherule; njalo zozine zazilesimo sinye; lokubonakala kwazo lomsebenzi wazo kwakunjengokuthi livili phakathi kwevili. **17** Ekuhambeni kwawo ahamba ngezinhlangothi zawo zozine; kawaphendukanga ekuhambeni kwawo. **18** Mayelana lamarimu awo, ayephakeme kangokuthi ayesesabeka; njalo amarimu awo ayegcwele amehlo inhlangothi zonke zawo zozine. **19** Ekuhambeni kwezidalwa eziphilayo amavili ahamba eceleni kwazo; lekuphakanyisweni kwezidalwa eziphilayo emhlabeni lamavili aphakanyiswa. **20** Lapho umoya owawusiya khona zaya khona, kulapho umoya owawuzakuya khona; lamavili aphakanyiswa eqondene lawo; ngoba umoya wezidalwa eziphilayo wawusemavilini. **21** Lapho lezi zihamba, lawo ahamba; lalapho lezi zisima, lawo ema; lalapho lezi ziphakanyiswa emhlabeni, amavili

aphakanyiswa eqondene lazo; ngoba umoya wezidalwa eziphilayo wawusemavilini. **22** Njalo isimo somkhathi ngaphezu kwamakhanda ezidalwa eziphilayo sasinjengombala wekristali elesabekayo, seluliwe phezu kwamakhanda azo ngaphezulu. **23** Langaphansi komkhathi impiko zazo zaziqondile, olunye lusiya kolunye; yilesi laleso silezimbili ezembese imizimba yazo ngapha, njalo yilesi laleso silezimbili ezembese ngaphayana. **24** Lekuhambeni kwazo ngezwa umsindo wempiko zazo unjengomsindo wamanzi amanengi, njengelizwi likaSomandla, umsindo wokuhlokoma, njengomsindo wenkamba; lapho zisima zehliisa impiko zazo. **25** Kwasekusiba lelizwi elavela phezu komkhathi ongaphezu kwekhanda lazo lapho sezimi sezehlise impiko zazo. **26** Langaphezu komkhathi owawuphezu kwekhanda lazo kwakunjengesimo selitshe lesafire, umfanekiso wesihlalo sobukhosi; langaphezu komfanekiso wesihlalo sobukhosi kwakulomfanekiso onjengokubonakala komuntu phezu kwakho ngaphezulu. **27** Ngasengibona njengombala wethusi, njengokubonakala komlilo phakathi kwakho inhlangothi zonke, kusukela ekubonakaleni kokhalo lwakhe langaphezulu, njalo kusukela ekubonakaleni kokhalo lwakhe langaphansi, ngabona kunjengokubonakala komlilo, lokukhazimula inhlangothi zakhe zonke. **28** Njengokubonakala komchilo wamakhosikazi osemayezini ngosuku lwezulu, kwakunjalo ukubonakala kokukhazimula inhlangothi zonke. Lokhu kwakuyikubonakala kwesimo senkazimulo yeNkosi. Ngathi ngikubona, ngathi mbo ngobuso, ngasengisizwa ilizwi lowakhulumayo.

2 Wasesithi kimi: Ndodana yomuntu, mana ngenyawo zakho, ngikhulume lawe. **2** Kwasekungena kimi uMoya lapho ekhuluma kimi, wangimisa ngenyawo zami; ngasengimuzwa okhuluma kimi. **3** Wasesithi kimi: Ndodana yomuntu, ngiyakuthuma ebantwaneni bakolsrayeli, ezizweni ezivukelayo, abangivukeleyo; bona laboyise baphambukile kimi, kuze kube yilolusuku kanye. **4** Ngoba bangabantwana abalukhuni ngobuso labalukhuni ngenhliziyo; ngikuthuma kubo, njalo uzakuthi kubo: Itsho njalo iNkosi uJehova. **5** Bona-ke, loba bezakuzwa, kumbe loba beyekela (ngoba beyindlu evukelayo), bazakwazi ukuthi ubekhona umprofethi phakathi kwabo. **6** Wena-ke, ndodana yomuntu, ungabesabi, ungawesabi lamazwi abo, lanxa ameva lokhula oluhlabayo kukuwe, njalo uhlezi phakathi kwabofezela; ungawesabi amazwi abo, ungatshaywa luvalo ngobuso babo, ngoba beyindlu evukelayo. **7** Kodwa uzakhuluma amazwi ami kubo, loba bezakuzwa kumbe bayekele; ngoba bevukela. **8** Kodwa wena, ndodana yomuntu, zwana engikuthshoyi kuwe; ungabi ngovukelayo njengaleyana indlu evukelayo; vula umlomo wakho, udle engikunika khona. **9** Ngasengibona, khangela-ke, isandla sithunyelwe kimi; khangela-ke umqulu wogwalo wawukuso. **10** Wasewendlala phambi kwami, njalo wawubhaliwe phambili langemuva; njalo kwakubhalwe phakathi kwawo izililo, lokukhala, losizi.

3 Yasisithi kimi: Ndodana yomuntu, dlana lokho ozakuthola; dlana lumqulu, uhambe uyekhuluma kuyo indlu kalsrayeli. **2** Ngasengivula umlomo wami, yasingidlisa lowomqulu. **3** Yasisithi kimi: Ndodana yomuntu, yenza isisu sakho sidle, ugcalise amathumbu akho ngalumqulu engikunika wona. Ngasengisidla;

njalo waba emlonyeni wami njengololu ngenxa yobumnandi. 4 Yasisithi kimi: Nodana yomuntu, hamba uye endlini yakolsrayeli, ukhulume ngamazwi ami kubo. 5 Ngoba kawuthunyanga ebantwini abalenkulumo ejulileyo lolimi olunzima, kodwa endlini yakolsrayeli. 6 Hatshi ebantwini abanengi abalenkulumo ejulileyo lolimi olunzima, abamazwi abo ongeke uwezwe. Isibili, uba bengikuthume kubo, bona bebezakukuzwa. 7 Kodwa indlu kalsrayeli kayiyikuvuma ukukulalela, ngoba kabavumi ukungilalela; ngoba yonke indlu yakolsrayeli ilobuso obuqinileyo, njalo balukhuni ngenhliziyo. 8 Khangela, ngenze ubuso bakho baqina bumelene lobuso babo, lebenzi lakho liqine limelene lebenzi labo. 9 Ngenze ibunzi lakho libe njengendayimana elukhuni kulensengetshe. Ungabesabi, ungatshaywa luvalo yibuso babo, lanxa beyindlu evukelayo. 10 Futhi yathi kimi: Nodana yomuntu, wonke amazwi ami engizawakhuluma kuwe, emukele enhliziyweni yakho, uzwe ngendlebe zakho. 11 Hambake, uye kwabathunjweyo, ebantwaneni babantu bakho, ukhulume kubo, uthi kubo: Itsho njalo iNkosi uJehova; loba bezakuzwa loba bezayekela. 12 UMoya wasengiphakamisa; ngasengisizwa emva kwamii ilizwi lomdumo omkhulu, lisithi: Kayidunyiswe inkazimulo yeNkosi ivela endaweni yayo. 13 Ngezwa futhi umsindo wempiko zezidalwa eziphilayo, ezazithintana, lomsindo wamavili maqondana lazo, lomsindo womdumo omkhulu. 14 UMoya wasengiphakamisa, wangisusa; ngasengihamba ngokubaba ekuvutheni komoya wami; kodwa isandla seNkosi sasilamandla phezu kwami. 15 Ngasengifika kwabathunjweyo eTelabibi, ababehlala ngasemfuleni iKebari; ngahlala lapho ababehlala khona, ngahlala khona insuku eziyisikhombisa ngithithibele phakathi kwabo. 16 Kwasekusithi ekucineni kwensuku eziyisikhombisa, ilizwi leNkosi lafika kimi, lisithi: 17 Nodana yomuntu, ngikwenzile waba ngumlindi kuyo indlu kalsrayeli. Ngakho zwana ilizwi elivela emlonyeni wami, ubaxwayise kuvela kimi. 18 Lapho ngisithi kokohlakeleyo: Uzakufa lokufa; wena-ke ungamxwayisi, loba ungakhulumi ukumxwayisa okhohlakeleyo ukuthi asuke endleleni yakhe ekhohlakeleyo, ukuze agcine impilo yakhe, lowo okhohlakeleyo uzafela ebubini bakhe; kodwa igazi lakhe ngizalibiza esandleni sakho. 19 Kodwa uba wena umxwayisa okhohlakeleyo, angaphenduki ekukhohlakaleni kwakhe lendleleni yakhe ekhohlakeleyo, yena uzafela ebubini bakhe; kodwa wena ukhulule umphefumulo wakho. 20 Futhi, uba olungileyo ephenduka ekulungeni kwakhe, enze isiphambeko, njalo ngibeke isikhubekiso phambi kwakhe, yena uzakufa; ngoba wena ungamxwaysanga, uzafela esonweni sakhe, lokulunga kwakhe akwenzileyo kungakhunjulwa; kodwa igazi lakhe ngizalibiza esandleni sakho. 21 Kodwa uba wena umxwayisa olungileyo, ukuze olungileyo angoni, yena-ke angaze ona, isibili yena uzaphila, ngoba exwayisiwe; futhi wena uwukhulule umphefumulo wakho. 22 Isandla seNkosi sasesiphezu kwami lapho, yasisithi kimi: Sukuma, uphume uye egcekeni, lalapho ngizakhuluma lawe. 23 Ngasengisukuma ngaphuma ngaya egcekeni; khangela-ke, inkazimulo yeNkosi yayimi khona, njengenkazimulo engangiyibone ngasemfuleni iKebari; ngasengisithi mbo ngobuso bami. 24 UMoya wasengena kimi, wangimisa ngenyawo zami, wakhuluma kimi wathi kimi: Hamba uyezivalela phakathi kwendlu yakho. 25 Wena-ke,

ndodana yomuntu, khangela, bazafaka izibopho phezu kwakho, bakubophe ngazo, ukuze ungaphumi phakathi kwabo. 26 Njalo ngizakwenza ulimi lwakho lunamathele olwangeni lwakho, ukuze ube yisimungulu, njalo ungabi ngumuntu okhuzayo kubo; ngoba bayindlu evukelayo. 27 Kodwa lapho ngikhuluma lawe, ngizavula umlomo wakho, ubususithi kubo: Itsho njalo iNkosi uJehova: Ozwayo kezwe, loyekelayo kayekele; ngoba bayindlu evukelayo.

4 Wena-ke, ndodana yomuntu, zithathele isitina, usibeke phambi kwakho, ubhale ngokugubha kiso umuzi, iJerusalem; 2 wenze ukuvinjezelwa umelene lawo, wakhe inqaba umelene lawo, ubuthelele idundulu umelene lawo, wenze izinkamba umelene lawo, umise izinqama zokudiliza inhlangothi zonke zimelene lawo. 3 Futhi wena uzithathele umganu wensimbi, uwumise ube ngumdlu wensimbi phakathi kwakho lomuzi; umise ubuso bakho bumelene lawo, njalo ube sekuvinjezelweni, futhi uzawuvimbezela. Lokhu kuzakuba yisibonakaliso kundlu kalsrayeli. 4 Futhi wena lala ngomhlubulo wakho wangasekhohlo, ubeke isiphambeko sendlu kalsrayeli phezu kwayo; njengokwenani lezinsuku ozalala phezu kwawo uzathwala isiphambeko sabo. 5 Ngoba mina ngikumisele iminyaka yesiphambeko sabo, njengokwenani lezinsuku, izinsuku ezingamakhulu amathathu layisificamunwemunye; ngokunjalo uzathwala isiphambeko sendlu kalsrayeli. 6 Lapho usuziphelilele lezo, lala okwesibili ngomhlubulo wakho wangakwesokunene, uthwale isiphambeko sendlu kaJuda insuku ezingamatshumi amane; ngikunike usuku lube ngumnyaka, usuku lube ngumnyaka. 7 Ngakho uzamisa ubuso bakho ekuvinjezelweni kweJerusalem, lengalo yakho izakwembulwa, uprofethe umelene layo. 8 Khangela-ke, ngizabeka izibopho phezu kwakho, ukuze ungaphenduki usuka komunye umhlubulo usiya komunye umhlubulo, uze uqede izinsuku zokuvimbezela kwakho. 9 Futhi wena zithathele ingqoloyi lebhali lendumba lamalenti lienyawuthi lespelite, ukubeke esisheni esisodwa, uzenzele kube yisinkwa; njengokwenani lezinsuku olala ngazo ngomhlubulo wakho, izinsuku ezingamakhulu amathathu lesificamunwemunye uzakudla sona. 10 Lokudla kwakho ozakudla kuzakuba ngesilinganiso, amashekelo angamatshumi amabili ngelanga; ukudle isikhathi ngesikhathi. 11 Lamanzi uzawanatha ngesilinganiso, ingxenye yesithupha yehini, uwanathe isikhathi ngesikhathi. 12 Njalo uzakudla iqebelengwana lebhali, ulipheke emehlweni abo ngamalongo aphuma emuntwini. 13 INkosi yasisithi: Ngokunjalo abantwana bakolsrayeli bazakudla isinkwa sabo esingcolileyo phakathi kwezizwe engizabaxotshela kuzo. 14 Ngasengisithi: Hawu Nkosi Jehova! Khangela, umphefumulo wami kawuzanga ungcoliswe; ngoba kwasebutsheni bami kuze kube lakhathesi kangizanga ngidle okuzifeleyo kumbe okudatshuliweyo, njalo kakulanyama enengekayo eseyake yangena emlonyeni wami. 15 Yasisithi kimi: Bona, ngikunike amalongo enkomo esikhundleni samalongo emuntu, njalo uzalungisa isinkwa sakho ngawo. 16 Yathi futhi kimi: Nodana yomuntu, khangela, ngizakwephula udondolo lwesinkwa eJerusalem; njalo bazakudla isinkwa ngesisindo langokunqineka, banathe amanzi ngesilinganiso langoval; 17

ukuze baswele isinkwa lamanzi, bethuke omunye lomunye, bacikizeke ngobubi babo.

5 Wena-ke, ndodana yomuntu, zithathele ingqamu ebukhali, zithathele impu yabageli, uyihambise phezu kwekhanda lakho laphezu kwesilevu sakho; ubusuzithathela isikali sokulinganisa, wehlukanise inwele. 2 Ingxenye yesithathu uzayitshisa ngomlilo phakathi komuzi sezigcwalisekile insuku zokuvimbezela; uthathe ingxenye yesithathu utshaye inhlangothi zonke zayo ngenkemba; lengxenye yesithathu uyihlakaze emoyeni; njalo ngizahwatsha inkemba emva kwabo. 3 Njalo uzathatha ezinluthwana ngenani kuzo, uzigoqele emaphethelweni ezembatho zakho. 4 Ubusuthatha kuzo futhi, uziphosele phakathi komlilo, uzitshise emlilweni; kuzaphuma kuwo umlilo uye kuyo yonke indlu kalsrayeli. 5 Itsho njalo iNkosi uJehova: Le yiJerusalem; ngiyimisile phakathi kwezizwe lamazwe inhlangothi zonke zayo. 6 Kodwa iphendule izahlulelo zami zaba yibubi okwedlula izizwe, lezimiso zami okwedlula amazwe ayihlanqileyo; ngoba bazalile izahlulelo zami, lezimiso zami kabahambanga kuzo. 7 Ngakho itsho njalo iNkosi uJehova: Ngoba levisile okwedlula izizwe ezilihanqileyo, lingahambanga ezimisweni zami, lingazenzanga izahlulelo zami, lingenzanga njengokwezahlulelo zezizwe ezilihanqileyo; 8 ngakho itsho njalo iNkosi uJehova: Khangela, ngimelene lawe, ngitsho mina, njalo ngizakwenza izahlulelo phakathi kwakho, emehlweni ezizwe. 9 Ngenze phakathi kwakho engingazange ngikwenze, lengingasayikukwenza okunjengakho, ngenxa yamanyala akho wonke. 10 Ngakho oyise bazakudla amadodana phakathi kwakho, lamadodana azakudla oyise. Njalo ngizakwenza izahlulelo phakathi kwakho, lensali yakho yonke ngizayihlakaza kuwo wonke umoya. 11 Ngakho, kuphila kwami, itsho iNkosi uJehova, isibili, ngoba ungcolisile indawo yami engcwele ngazo zonke izinengiso zakho langamanyala akho wonke, ngakho lami ngizakunciphisa, futhi ilihlo lami kaliyikuhawukela, futhi lami kangiyikuyekela. 12 Ingxenye yesithathu yakho izakufa ngomatshayabhuqe wesifo, langendlala bazaqedwa phakathi kwakho; lengxenye yesithathu izakuwa ngenkemba enhlangothini zonke zakho; lengxenye yesithathu ngizayihlakaza kuwo wonke umoya, ngihwatshe inkemba emva kwabo. 13 Ngokunjalo ukuthukuthela kwami kuzapheleliswa, ngenze ukufutheka kwami kuphumule phezu kwabo, ngiduduzenze; njalo bazakwazi ukuthi mina iNkosi ngikhulumile ekutshisekeni kwami, lapho sengiphelelise ukufutheka kwami kubo. 14 Futhi ngizakwenza ube lunxiwa ube lihloza phakathi kwezizwe ezikuhlanqileyo, emehlweni akhe wonke owedlulayo. 15 Ngakho kuzakuba lihlozo, lenhlelisa, imfundiso, lesesabiso ezizweni ezikuhlanqileyo nxa ngisenza izahlulelo phakathi kwakho ngolaka langokufutheka langokukhuza kokufutheka; mina Nkosi ngikhulumile. 16 Lapho ngithumela phezu kwabo imitshoko emibi yendlala, ezakuba ngeyokubhubhisa, engizayithumela ukulibhubhisa, ngizakwandisa indlala phezu kwenu, ngephule udondolo lwesinkwa kini. 17 Ngokunjalo ngizathuma phezu kwenu indlala lezilo ezimbi, ezizakwemuka abantwana; lomatshayabhuqe wesifo legazi kudabule phakathi kwakho; ngilethe inkemba phezu kwakho. Mina Nkosi ngikhulumile.

6 Ilizwi leNkosi laselifika kimi lisithi: 2 Ndodana yomuntu, khangelisa ubuso bakho ngasezintabeni zakolsrayeli, uprofethe umelene lazo. 3 Uthi: Lina zintaba zakolsrayeli, zwanini ilizwi leNkosi uJehova. Itsho njalo iNkosi uJehova ezintabeni, lemaqaneni, ezifuleni, lezihotsheni: Khangelani, mina ngizakwehlisela phezu kwenu inkemba, ngichithe indawo zenu eziphakemeyo. 4 Lamalathi enu azachithwa, lamalathi enu elanga aphahlazwe, lababuleweyo benu ngibaphosele phansi phambi kwezithombe zenu. 5 Ngibeke izidumbu zabantwana bakolsrayeli phambi kwezithombe zabo, ngihlakaze amathambo enu inhlangothi zonke zamalathi enu. 6 Kuzo zonke indawo zenu zokuhlala imizi izachithwa, lendawo eziphakemeyo zibe ngamanxiwa, ukuze amalathi enu achithwe abe ngamanxiwa, lezithombe zenu ziphahlazwe ziphele, lamalathi enu elanga aqunywe, lemisebenzi yenu itshabalaliswe. 7 Lababuleweyo bazakuwa phakathi kwenu, njalo lizakwazi ukuthi ngiyiNkosi. 8 Kodwa ngizatshiya insali ukuze libe labanye abazaphepha inkemba phakathi kwezizwe lapho lizahlakazekela emazweni. 9 Labaphunyukileyo benu bazangikhumbula phakathi kwezizwe lapho abathunjelwe khona; ngoba ngidabukile ngenxa yenhliziyoyabo ephingayo, esukileyo kimi, langamehlo abo aphingayo elandela izithombe zabo. Njalo bazazanyanya ngobubi ababenzileyo kuwo wonke amanyala abo. 10 Njalo bazakwazi ukuthi ngiyiNkosi; kangikhulumanga ngeze ukuthi ngizakwenza lokho okubi kubo. 11 Itsho njalo iNkosi uJehova: Tshaya ngesandla sakho, utshaye phansi ngonyawo lwakho, uthi: Maye ngenxa yawo wonke amanyala amabi endlu yakolsrayeli! ngoba bazakuwa ngenkemba, ngendlala, langomatshayabhuqe wesifo. 12 Okhatshana uzakufa ngomatshayabhuqe wesifo, loseduze uzakuwa ngenkemba, loseleyo wavinjelzela uzakufa yindlala. Ngokunjalo ngizaphelelisa ukufutheka kwami phezu kwabo. 13 Khona lizakwazi ukuthi ngiyiNkosi, lapho ababuleweyo babo sebephakathi kwezithombe zabo behanqe amalathi abo, phezu kwalo lonke uqaqa olude, ezingqongeni zonke zezintaba, langaphansi kwaso sonke isihlahla esiluhlaza, langaphansi kwalo lonke i-okhi eliqatha, indawo ababenikela khona iphunga elimnandi kuzo zonke izithombe zabo. 14 Ngokunjalo ngizakwelulela isandla sami phezu kwabo, ngenze ilizwe libe lunxiwa, yebo, libe lunxiwa kulenkangala ngaseDibila, kuzo zonke izindawo zabo zokuhlala. Khona bezakwazi ukuthi ngiyiNkosi.

7 Ilizwi leNkosi laselifika kimi lisithi: 2 Wena-ke, ndodana yomuntu, itsho njalo iNkosi uJehova kulo ilizwe lakolsrayeli: Isiphetho, isiphetho sesifikile phezu kwamagumbi womane elizwe. 3 Khathesi isiphetho siphezu kwakho, njalo ngizathumela ukuthukuthela kwami phakathi kwakho, ngikwahlulele njengokwezenzo zakho, ngehisele phezu kwakho wonke amanyala akho. 4 Lelihlo lami kaliyikuhawukela, kangiyikuyekela, kodwa ngizakwehlisela izindlela zakho phezu kwakho, lamanyala akho azakuba phakathi kwakho. Khona lizakwazi ukuthi ngiyiNkosi. 5 Itsho njalo iNkosi uJehova: Ububi, ububi obubodwa, khangelani, sebifikile. 6 Isiphetho sesifikile, isiphetho sesifikile, siyakuvukela; khangelani, sebifikile. 7 Ukusa sekufikile kuwe, wena mhali welizwe; isikhathi

sesifikile, usuku lwenkathazo luseduze, njalo kungeyisikho ukumemeza ngenjabulo kwezintaba. 8 Khathesi, kuseduze ukuthi ngithululele ulaka lwami phezu kwakho, ngiphelelise intukuthelo yami phakathi kwakho, ngikwahlulele njengokwezindlela zakho, ngehlisele phezu kwakho wonke amanyala akho. 9 Leliho lami kaliyikuhawukela, njalo kangiyikuyekela; ngizanika njengokwezindlela zakho phezu kwakho, lamanyala akho azakuba phakathi kwakho. Khona lizakwazi ukuthi ngiyiNkosi etshayayo. 10 Khangela usuku, khangela, selufikile; ukusa sesukuphumele; intonga ihlumile, ukuziqhenya kukhahlele. 11 Udlakela lusukume lwaba yintonga yobubi; kakuyikusala kubo, hatshi-ke exukwini labo, hatshi-ke okwabo, njalo kakuyikuba khona ukuqhinqa isililo phakathi kwabo. 12 Isikhathi sesifikile, usuku selusondele; umthengi kangathokozi, lomthengisi angalili, ngoba ulaka luphezu kwexuku lonke lalo. 13 Ngoba umthengisi kayikubuyela kokuthengisiweyo, lanxa impilo yabo isesephakathi kwabaphilayo; ngoba umbono mayelana lexuku lonke lalo kawuyikuphenduka; futhi kakulamuntu ongaqinisa impilo yakhe ngesiphambeko sakhe. 14 Baluvuthele uphondo ukuthi balungise konke, kodwa kakho oya empini, ngoba ulaka lwami luphezu kwexuku lalo lonke. 15 Inkemba ingaphandle, lomats Shayabhuqe wesifo lendlala kungaphakathi; osegangeni uzakufa ngenkemba, losemzini indlala lomats Shayabhuqe wesifo kuzamqeda. 16 Kodwa abaphunyukayo babo bazaphunyuka, babe sezintabeni njengamajuba ezihotsha, bonke belila, ngulowo lalowo ngenxa yesiphambeko sakhe. 17 Zonke izandla zizaphela amandla, lamadolo wonke agezeze njengamanzi. 18 Njalo bazabhinca amasaka, lovalo luzabembesa, lenhloni zibe sebusweni bonke, lempabanga phezu kwamakhanda abo wonke. 19 Bazalaha isiliva sabo ezitaladeni, legolide labo libe yikungcola; isiliva sabo legolide labo kakuyikuba lakho ukubophula ngosuku lokuthukuthela kweNkosi; kabayikonelisa umphefumulo wabo, bangagcwali amathumbu abo; ngoba kuyisikhubekiso sesiphambeko sabo. 20 Lobuhle besiceciso sakhe wabumisa ebukhosini, kodwa benza kubo imifanekiso yokunengekayo kwabo lezinengiso zabo; ngenxa yalokho ngibumise bube yinto engcolileyo kubo. 21 Njalo ngizakunikela esandleni sabezizwe kube yimpango, lakwabakohlakeleyo bomhlaba kube yimpango, njalo bazakungcolisa. 22 Njalo ngizaphendula ubuso bami busuke kubo, bangcolise indawo yami yensitha; ngoba abaphangi bazangena kuyo, bayingcolise. 23 Yenza iketane, ngoba ilizwe ligcwele amacala egazi, lomuzi ugcwele udlakela. 24 Ngakho ngizaletha ababi bezizwe, abazakudla ilifa lezindlu zabo; ngikwenze kuphele ukuziqhenya kwabalamandla; lendawo zabo ezingcwele zizangcoliswa. 25 Ukwethuka kuyeza; bazazinga-ke ukuthula, kodwa kakuyikuba khona. 26 Incithakalo izakuba phezu kwencithakalo, lombiko ube phezu kombiko; khona bezadinga umbono kumpofethi, kodwa umlayo uzabhubha kumpirsti, leseluleko kubadala. 27 Inkosi izalila, lesiphathamandla sembathiswe incithakalo, lezandla zabantu belizwe zizathuthumela. Ngizakwenza kubo ngokwendlela yabo, ngibahlulele ngezahluhlo zabo; khona bezakwazi ukuthi ngiyiNkosi.

8 Kwasekusithi ngomnyaka wesithupha, ngenyanga yesithupha, ngolwesihlanu lwenyanga, ngihlezi endlini yami,

labadala bakoJuda behlezi phambi kwami, isandla seNkosi uJehova sawa lapho phezu kwami. 2 Ngasengibona, khangela-ke, umfanekiso onjengokubonakala komlilo; kusukela ekubonakaleni kokhalo lwakhe kusiya phansi, umlilo; futhi kusukela kukhalo lwakhe kusiya phezulu kunjengokubonakala kokukhazimula, njengombala wethusi. 3 Waseselula isimo sesandla, wangithatha ngesihluthu sekhandla lami; uMoya wasengiphakamisela phakathi komhlaba lamazulu, wangiletha eJerusalema emibonweni kaNkulunkulu, esivalweni sesango elingaphakathi, elikhangele ngenyakatho, lapho okwakulesihlalo sesithombe sobukhwele esibanya ubukhwele. 4 Khangela-ke, inkazimulo kaNkulunkulu kalsrayeli yayilapho, injengokubonakala engangikubone esihotsheni. 5 Wasesithi kimi: Ndodana yomuntu, ake uphakamisele amehlo akho ngasendleleni yenyakatho. Ngasengiphakamisela amehlo ami ngasendleleni yenyakatho, khangela-ke, ngasenyakatho kwesango lelathi kwakulesisithombe sobukhwele entubeni. 6 Wasesithi kimi: Ndodana yomuntu, uyakubona yini abakwenzayo, amanyala amakhulu ewenzayo indlu kalsrayeli lapha, ukuze ngiye khatshana lendawo yami engcwele? Kodwa phenduka futhi, uzabona amanyala amakhulu kulala. 7 Wasengisa emnyango weguma; lapho ngibona, njalo khangela, kwakulesikhala emdulini. 8 Wasesithi kimi: Ndodana yomuntu, ake ugebhe emdulini. Ngathi ngigebha emdulini, khangela-ke kwakulomnyango. 9 Wasesithi kimi: Ngena, ubone izinengiso ezimbi abazenzayo lapha. 10 Ngasengingena, ngabona, khangela-ke, sonke isimo sokuhuquzelayo lenyamazana ezinengekayo lazo zonke izithombe zendlu yakolsrayeli, kubaziwe phezu komduli inhlangothi zonke ezizingelezeleyo. 11 Futhi kwakumi phambi kwazo amadoda angamatshumi ayisikhombisa akwabadala bendlu kalsrayeli, loJahazaniya indodana kaShafani emi phakathi kwabo; yileyo laleyo ilodengezi lwayo esandleni sayo, njalo iyezi eliqatha lempepha lenyuka. 12 Wasesithi kimi: Ukubonile yini, ndodana yomuntu, lokho abadala bendlu kalsrayeli abakwenzayo emnyameni, ngulowo emakamelweni emifanekiso yakhe? Ngoba bathi: iNkosi kayisiboni; iNkosi iwutshiyile umhlaba. 13 Wasesithi kimi: Phenduka futhi, uzabona izinengiso ezinkulu kakhulu abazenzayo. 14 Wasengisa emnyango wesango lendlu yeNkosi eyayingasenyakatho; khangela-ke, kwakuhlezi abesifazana belilela uTamuzi. 15 Wasesithi kimi: Ubonile yini, ndodana yomuntu? Phenduka futhi, uzabona izinengiso ezinkulu kulalezi. 16 Wasengingenisa egumeni lendlu yeNkosi elingaphakathi; khangela-ke, emnyango wethempeli leNkosi phakathi kwekhulusi lelathi kwakulamadoda phose angaba ngamatshumi amabili lanhlano, imihlane yawo ingasethempelini leNkosi, lobuso bawo bungasempumalanga; njalo bakhonza ilanga ngasempumalanga. 17 Wasesithi kimi: Ubonile yini, ndodana yomuntu? Kuyinto elula kundlu yakoJuda ukwenza izinengiso abazenzayo lapha yini? Ngoba bagcwalise ilizwe ngobudlwangu, baphendukele ukungithukuthelisa; khangela-ke, bafaka ugatsha empumulweni yabo. 18 Ngakho lami ngizakwenza ngentukuthelo; ilihlo lami kaliyikuhawukela, futhi kangiyikuyekela; lanxa bekhala endlebeni zami ngelizwi elikhulu, kangiyikubezwa.

9 Wasememeza ezindlebeni zami ngelizwi elikhulu esithi: Yenza ababonisi bomuzi basondele, ngitho wonke umuntu elesikhali sakhe sokuchitha esandleni sakhe. **2** Khangela-ke, amadoda ayisithupha eza evela ngendlela yesango eliphezulu elikhangele ngasenyakatho; njalo wonke umuntu elesikhali sakhe sokuphahlaza esandleni sakhe; njalo umuntu oyedwa phakathi kwawo wayegqoke ilembu elicolekileyo, elophondo lweyinki lombhali ngasokhalweni lwakhe; asengena, ema duze kwelathi lethusi. **3** Lenkazimulo kaNkulunkulu kalsrayeli yenyuka isuka ngaphezu kwekherubhi eyayiphezu kwalo, yamba embundwini wendlu; wasememeza umuntu owayegqoke ilembu elicolekileyo owayelophondo lweyinki lombhali okhalweni lwakhe. **4** INkosi yasisithi kuye: Dabula phakathi komuzi, phakathi kweJerusalem, ufake uphawu emabunzini abantu ababubulayo labakhalayo ngenxa yazo zonke izinengiso ezenziwa phakathi kwawo. **5** Lakwabanye yathi endlebeni yami: Dabulani phakathi komuzi emva kwakhe, litshaye, ilihlo lenu lingahawukeli, njalo lingayekeli. **6** Bulalani ngokuchitha abadala, abatsha, lezintombi, labantwana abancinyane, labesifazana; kodwa lingasondeli lakuwuphi umuntu okulophawu phezu kwakhe, liqalise endaweni yami engcwele. Basebeqalisa emadodeni amadala ayephambi kwendlu. **7** Yasisithi kubo: Ngcolisani indlu, ligcwalise amagama ngababuleweyo. Phumani. Basebephuma, babulala emzini. **8** Kwasekusithi besababulala, mina-ke ngasala, ngathi mbo ngobuso bami, ngakhala ngathi: Hawu, Nkosi Jehova! Uzachitha yini yonke insali yakolsrayeli ekuthululeni kwakho intukuthelo yakho phezu kweJerusalem? **9** Khona yathi kimi: Ububi bendlu yakolsrayeli loJuda bukhulu kakhulukazi, lelizwe ligcwele amacala egazi, lomuzi ugcwele ukuphambuka, ngoba bathi: INkosi ilidelile ilizwe, njalo iNkosi kayiboni. **10** Lami-ke ilihlo lami kaliyikuhawukela, njalo kangiyikuyekela; ngizakwehlisela indlela yabo ekhanda labo. **11** Khangela-ke, lowomuntu owayegqoke ilembu elicolekileyo, owayelophondo lweyinki okhalweni lwakhe, wabuyisela ilizwi esithi: Ngenzile njengoba ungilayile.

10 Ngasengibona, khangela-ke, emkhathini owawungaphezu kwekhanda lamakherubhi kwakulokunjengelitshes lesafire, kunjengokubonakala komfanekiso wesihlalo sobukhosi; kwabonakala phezu kwawo. **2** Wasekhuluma emuntwini ogqoke ilembu elicolekileyo, wathi: Ngena ngaphakathi kwamavili, ngaphansi kwekherubhi, ugcwalise intende zezandla zakho ngamalahle omililo avela phakathi kwamakherubhi, uwahlakaze phezu komuzi. Wasengena phambi kwamehlo ami. **3** Njalo amakherubhi ayemi ngakwesokunene kwendlu, lapho lowomuntu engena; iyezi laseligcwalisa iguma elingaphakathi. **4** Inkazimulo yeNkosi yasiphakama isuka phezu kwekherubhi, phezu kombundu wendlu; indlu yasigcwaliswa liyezi, leguma lagcwala ukukhanya kwenkazimulo yeNkosi. **5** Lomdumo wempiko zamakherubhi wezwakala kwaze kwaba segumeni elingaphandle, njengelizwi likaNkulunkulu uSomandla nxa ekhuluma. **6** Kwasekusithi isimlayile umuntu ogqoke ilembu elicolekileyo isithi: Thatha umililo phakathi kwamavili, phakathi kwamakherubhi; wangena, wema duze kwevili. **7** Ikherubhi laseliselulela isandla salo sisuka phakathi kwamakherubhi kuwo umililo owawuphakathi kwamakherubhi, lawuthatha, lawubeka ezandleni zalowo owayembethe ilembu

